

LOWO OKINI



Ngiyabonga, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise.

Asibe silokhu simile okomzuzwana nje sisakhuleka. Asikhothamise amakhanda ethu manje. Futhi bonke labo abangathanda ukukhunjulwa kulomkhuleko, phakamisani izandla zenu nithi, “Nkulunkulu, yimina.”

² Nkulunkulu oNgcwele kakhulu nonoMusa, siletha lababantu phambi kwaKho, nezicelo abanazo. Bacele ukukhunjulwa. Futhi, Nkosi, isandla sami siphakeme naso. Ngikhuleka kuWe ukuba ube nomusa kithi. Wena uyazazi izidingo zethu, futhi sizokhuleka, njengoba Wena wasifundisa ukuba sikhuleke, “UMbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe emhlabeni, njengaseZulwini.” Baba, sizocela kulobubusuku umusa, wenkululeko kaMoya, ukuze sikwazi ukulethela abantu iQiniso leVangeli, nalokho esikukholwa ukuthi kunguMlayezo walelihora, weBandla laKho. Nkosi, sikhulekela ukuthi siyingxenye yaleloBandla elizobizelwa ngaphandle ezinsukwini zokugcina! Baba, uma singesiyo leyongxenye, khona-ke yembula kithi okufanele sikwenze ukuze sibe yileyongxenye. Futhi siphe umusa, amandla, kulelihora lokuvinywa okuphezu komhlaba ukuvinjwa bonke abakhe lapha. Siphe okoMoya waKho oNgcwele, ukuba usihole futhi usiqondise, ukuze sikwazi ukuthi ekugcineni, ekupheleni, size kuWe ngokuthula, ngalokho kuPhila okuPhakade amakholwa akade elokhu ekubhekile kusukela ekuqaleni kwesikhathi. Sisize, Nkosi. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

³ Impela ngiyabonga ngenhlanhla yokuba ngiphumele lapha kulobubusuku—kulobubusuku, nangomusa kaNkulunkulu esiphiwe wona ngoJesu.

⁴ Bese-ke mayelana no—noMlayezo namhlanje ekuseni, manje, ngifuna wonke umuntu aqonde ngokucacile. Manje, ngethemba kuNkulunkulu ukuthi akusiso lesosikhathi. Niyabo? Kodwa uMlayezo uliqiniso. UMlayezo uqinisele. Kuzoba, kuzoba ngesinye isikhathi, uma lesi kungesona lesosikhathi. Futhi kubukeka kakhulu kunjengaso isikhathi, ngize ngazizwa nginjengoPawulu wasendulo, owathi, “Angigwemanga ukunitshela lonke iCebo,” niyabo, konke okufanele kwenziwe.

⁵ Kubekhona into eyodwa engiyenzile kulokhukusa, engizisola ngayo ukuthi ngiyishilo. Ngi—ngibize igama lomfowethu engicabanga ukuthi usephutheni. Bengingafanele ukwenza lokho. Angilibizi neze igama lomuntu; futhi uma iteyipu kungenzeka iwele ezandleni zakhe. Futhi ngifuna ukumbona ngikhulume naye, ngoba ngicabanga ukuthi

umfowethu, indoda enkulu, indoda elungileyo eshumayeke khona lapha epulpiti, uMfowethu David duPlessis. Futhi bengingaqondile ukubiza igama lakhe. Bengikhathazeke ngoMlayezo, nokunye nokunye, ngokuthi noma ngabe kungathiwani uma-ke kuyilesisikhathi, futhi ngalibiza igama lomfowethu. Angikwenzi lokho. Ngiyazisola ukuthi ngikwenzile. Ngiyamthanda uMfowethu David duPlessis. Ungumfowethu, futhi ngi—ngicabanga ukuthi indoda ekhaliphe njengaleyo ifanele ibe ngeqondiswe kakhulu emBhalweni.

Ngiyanitshela ukuthi kuyini. Kungukuthi, inkulumo uDavid nami esibenayo. . .

⁶ Wake wakhulumela mina emihlanganweni. Washumayela ekulo ngqo lelipulpiti, kumbe endlini yokukhonzela endala, khona lapha esepulpiti. Futhi umfowabo, uJustus, wayengumhumusheli wami eNingizimu Afrika, lapho engibuya khona. Futhi bavela emndenini okahle, ikhaya lamaPentecostal, umuntu okahle ngempela. UDavid wayenguye, ngiyakholwa, umphathisihlalo, ngesinye isikhathi, weWorld Pentecostal Assemblies, nakwiPentecostal World Conference. Wayengomunye wabaphathizihlalo. Futhi kamuva ufika e-United States wase ezinza, ngaphandle eTexas, noMfowethu Gordon Lindsay, wase-ke evele eqala ukushumayela ezungeleza ezindaweni ezahlukene.

⁷ Kodwa okwakuyikho, lapho engicabanga khona ukuthi umfowethu othandeka kakhulu wenza khona isiphosiso; njengoba nje nami nginjalo, kumbe noma ubani omunye; wasuke wase eqala ukuphathelana nezokubukeka kahle. Wayelokhu ekhuluma ngePrinceton University nezindawo ezazimmema, ecabanga ukuthi wayenza lokho okwakuyikho, futhi wayehlola ifolishi emshinini ngqo; niyabo, futhi nokujabula okunjalo!

Njengoba kungekhona lokho kuphela, kodwa iFull Gospel Business Men, exhasa umhlangano wami, emhlabeni wonke—wonke. Niyabo? Ngi—ngiyabathanda labobantu, niyabo, kodwa ngempela ngempela angivumelani nabo phezu kwezimiso aba—aba—abayizo. . . Ba—basukile lapho khona, izimiso zabo, abaziqalayo, futhi manje sebefana nje njengenye inhlango nanoma yini. Niyabo? Futhi okuyikho, abazami ukuhlala bengamapentecostal, kodwa bazama ukuxubanisa ipentecost nakho konke okwalo ndawonye.

⁸ Futhi kubukeka kimi sengathi uMfowethu duPlessis, emangalisayo, indoda ekahle kanjalo, ibiyokwazi ngokwenele mayelana nomBhalo ukuthi nxa ebona izintombi ezilele zizama ukuthenga amaFutha, isikhathi sesedlule. Niyabo? Khumbulani, ngenkathi ifika ukuthenga amaFutha, kwakungekho maFutha ayesasele. Lowo ngumBhalo. Futhi yathi, “Sipheni amaFutha kwawenu,” eBandleni, kodwa ayizange iWemukele. Ingahle igxume phansi-na-phezulu,

ikhulume ngezilimi, nanoma yikuphi okunye, kodwa, ngokweZwi likaNkulunkulu uQobo, ayizange iWamukele. Futhi yayiphandle ebumnyameni obungaphandle; futhi kwabakhona ukukhala izinyembezi, ukulila, nokugedla amazinyo, ngenkathi uMlobokazi okhethiweyo esengenile. I—intombi ehlananiphile yayinamaFutha esibanini sayo.

⁹ Manje, ngi—ngiyayazi enye indoda, okuthize okwenzeka nje ngelinye ilanga. Okuyikho, yilababantu abakahle, niyabo, bathola okuncane, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, ukubamba okuncane phakathi kwabantu. Futhi into yokuqala uyazi, bezwa ukuthi nguNkulunkulu lowo owenza lokho. Futhi izikhathi eziningi, ngudeveli owenza lokho. Niyabo?

¹⁰ UJesu wayenethuba lokuza phambi kukaHerodi; Wayekade enalo ithuba phambi kwabaningi, futhi babefuna ukuMsebenzisa kube ngumbukiso. Niyabo?

Yilokho kuphela abazama ukukwenza kwiPhentekoste. IPhentekoste iphuma kulezozinto, ukuba yahluke. “Futhi njengengulube ekuzibhixeni kwayo, nenja ebuhlantweni bayo, ibuyela emuva ngqo futhi,” futhi manje liseMkhandlwini wenkolo yonke yobuKristu. Niyabo? Kubi kakhulu. Kuyihlazo.

¹¹ UNkulunkulu ungigcina ngimncane futhi angithobise, ukuze Embule iQiniso laKhe. Niyabo? Angizange ngifise ukwenza lokho; akusikho ukugqama, futhi akusikho ukubhebezela nokubenezela kulo izwe. Mangithathe indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Mangihlale neZwi.

¹² Manje ukukhuluma ngoMkhandlu wenkolo yonke yobuKristu uzigxilisa neVatican. Niyakholwa ukuthi bangazigxilisa eZwini na? Bangahle bakwenze enhlanganweni, kodwa bangeke eZwini. Niyabo? Kunjalo. Ngakho akukho lutho olungaxegiswa. Niyabo? Inhlango, kuyafana konke, yonke into iyafana; kusemgqeni ngokuphelele, umama nendodakazi. Kodwa nxa sekuza kuleliZwi, ngiphambene ngokuqinile neMethodisti neBaptisti namaPresbyterian, njengoba ngiphambene nobuKatolika, ngoba ngumama nendodakazi, ngokwaleliZwi. YileliZwi engimi ngalo, niyabo, *Leli*, lonke iZwi laLo.

¹³ Manje, lomfowethu oligugu, yena nomkakhe bangabangane engisondelene nabo. Abaningi benu balibonile iphephabhuku, lapho ukuthi kwenzeka kanjani ukuthi lowo oligugu, umfowethu ongumthunywa kaNkulunkulu angake avumele umkakhe... Umuntu othize wamthshela ukuthi wayebukeka njengoJacqueline Kennedy, futhi wazenza zaba yisihlonti esibheke phezulu okunye kwalokho kugunda izinwele okukhulukazi nento. Kuyini na? Uzibandakanya nalababantu bohlobo olunjalo, ngaso sonke isikhathi, futhi ekugcineni... .

Indoda elungileyo ithatha owesifazane ongalungile, uyoba phakathi kokuthi uba ngowesifazane olungileyo noma...

ngiqonde ukuthi, indoda elungileyo ithatha owesifazane ongalungile, uyoba phakathi kokuthi uba ngowesifazane olungileyo noma owesilisa abe ngowesilisa ongalungile. Ngikhombise ohambisana nabo, ngizokutshela ukuthi wena ungubani. Niyabo? Izinyoni zohlobo olulodwa, zindiza ndawonye. Deda entweni ewubucwebecwebe!

¹⁴ Ngehlela phansi emayini, ngelinye ilanga, le esiqongweni sezintaba phezu komugqa we-Arizona ne-neMexico. UMfowethu Sothmann nami, ohlezi lapha, wayephezulu lapho sindawonye. Futhi ngangena phakathi lapho futhi ngamba ngakhipha inqwathshana yalokho oku... Kubukeka njengegolide ncamashi. Kodwa okuyiyona ndlela kuphela ongasho ngayo ukuthi akusilo igolide, kucwebezela ukwedlula igolide. Kuyacwebezela. Futhi igolide alicwebezeli, liyakhazimula. Niyabo? Futhi kubizwa ngokuthi, yi “golide-lesiwula.” Alibizi ngisho kakhulu njengedwala elikulo. Libizwa ngomkhiqizansimbi. Ngicabanga ukuthi, e—e... Ososayense basho ukuthi amanzi ne-asidi evuzayo, nezinto, akuzange kufike lapho ngokwanele ukukuqinisa bese kukuletha endaweni ukukwenza kube yigolide. Ngakho ku—kucwebezela kangcono, kodwa akunaso isithako semvelo kukho.

Futhi yileyondlela nje inqwaba yobuKristu bokuzenzisa kuyiyo, niyabo, kuyocwebezela, futhi njengeHollywood. Kodwa iBandla liyakhazimula ngeVangeli.

¹⁵ Manje, omunye udadewethu lapha, uBilly usanda kungitshengisa, ubekahle ngokwenele ukuhamba ayolanda leliphaphabhuku i*Life*, lesisithombe, futhi asikhulise, salezo ziNgelosi eziyisikhombisa, futhi asithathe sithunyelwe kimi. Yilesosithombe. Futhi manje uma nizoqaphela lapha, njengoba kwakusuka, kwenyuka kubuyela emuva, ngenkathi iziNgelosi sezethule uMlayezo wazo, kwakusesimweni sesivivane; khona impela enganitshela khona, izinyanga ezintathu kungakenzeki, ngendlela okwakuzoba ngayo. Kunjalo na?

Futhi iNgelosi eqhamileyo, amaphiko aYo engemuva eceleni, emuva, ebuyele ngemuva, niyakhumbula na? Futhi yathi, “Yayinekhanda laYo... iza ngalelijubane.” Aniwaboni ngisho namaphiko *lapho* na? Futhi nanso iNgelosi *lapho*, ngendlela impela okwashiwo ngayo.

¹⁶ Manje, nguNkulunkulu kuphela ongenza lokho. Banesithombe esithwetshuliwe esibekwe lapha, futhi, sowesifazane owathi... Izikhathi eziningi, abantu bathi... .

¹⁷ Ekwa—ukwahlukanisa, ukuthi, “Lomuntu usibekelwe yithunzi lokufa, ithunzi elimnyama.”

¹⁸ Manje bathi, “Awu, uyakusho nje lokho.” Niyabo, lokho ngabantu abangeke bahamba indlela yonke, abakwazi ukubona lokho. Bangamemeza kanye nawe, banga—bangakhuluma nawe;

kodwa nxa sekufika empeleni ekukholweni yikho konke, umphefumulo wonke nomzimba, abakwazi ukukwenza.

Ngakho, kodwa niyabo, uma uNkulunkulu ekukho, futhi ekhuluma iQiniso, lesi yisikhathi sokugcina somlando. Lokhu ngokokugcina komlando wezwe. Ngukuvala. Asisayikubakho isikhathi, suku-lumbe. UNkulunkulu ufakazisa konke, kokubili okomoya nokobusayense.

¹⁹ Ngenkathi ngithi, umfanyana, “INsika yokuKhanya, ibukeka njengenkanyezi.”

²⁰ Bangaki kokhumbulayo, izikhathi zakudala, babevamise ukuYibiza nge “Nkanyezi”? Ngenkathi Ibonakala ezansi lapha emfuleni, ngenkathi Ethi, “NjengoJohane umBhaphathizi, wathunyelwa . . .”

²¹ Manje, ekugcineni, Leyo yehlela phansi, nesithombe sathwetshulwa saYo. Sasivamise ukuba naso esisodwa lapha, ndawo ndawo. Ya, bathi singale ekhoneni; angikwazi ukusibona. Ngokwesayense kuyafakaza ukuthi lelo liQiniso.

²² Futhi manje, futhi ithi abantu babe “sibekelwe yithunzi.” Manje, nangu owesifazane owayekhona, isithombe esithwetshuliwe. Nasiya, esivamileyo, njenganoma yisiphi nje esinye isithombe esithwetshuliwe; njengomunye ethatha lesi, umshini. Ngathi. . . Umuntu wayemangala ngalokho. Futhi wathi kowesifazane, “Usibekelwe yithunzi lokufa, unomdlavuza. Kukhona ithunzi elimnyama.” Waphenduka wathwebula isithombe. Owesifazane ube lapha ukuba afakaze, futhi kungenzeka ukuthi usekhona lapha kulobubusuku, ngakho konke engikwaziyo. Niyabo?

Manje, *nango* owesifazane enokunjengomgaxo omnyama phezu kwakhe. Kulungile, manje, nabo ubufakazi besayense ukuthi lokho liqiniso. Futhi masinya emva kokuba owesifazane esemenyazelwe ukuthi useya “phila,” bathwebula isithombe, futhi kwakungekho lapho. Yini eyashaya ingilazi eqoqa ukukhanya ikuhambise ngamsebe-munye ngaleyonkathi na? Futhi yini eyasalayo, lokho akuzange—kwakungekho engilazini eqoqa ukukhanya ikuhambise ngamsebe-munye ngenkathi kumenyazelwa ukuthi wayesephulukisiwe na? Niyabo?

Manje, ngimi lapha, nganitshela ukuthi iziNgelosi yayiza.

²³ UMfowethu Fred, engomunye. . . Ngimbonile uMfowethu Fred esikhashaneni esedule. Ngicabange ukuthi ubekhona ngqo ngapha, kodwa ngimgejile ndawo ndawo. O, emuva lapha, kunjalo. Wayemi phakathi kwe—kwemayela amabili, noma imayela nengxenye, noma amamayela amabili, lapho engangikhona; wakuzwa ukuqhuma, walizwa idwala, nakho konke okunye, ngenkathi kusakazeka. Kunjalo, Mfowethu Fred na?

Futhi yayilapho-ke iziNgelosi ezabuya noMlayezo. Futhi nakhu kukhona ngisho nasesimweni sesivivane, njengoba nganikhombisa ukuthi kuyoba njani phakathi lapha, nganitshela ukuthi Ziyobe zimi kanjani, ngingakahambi.

Isithombe esithwetshuliwe emva kwesithombe esithwetshuliwe, izwe lonke, kwathwetshulwa, kwaze kwayoshaya eMexico, kungamamayela angamashumi amathathu ukuphakama namamayela angamashumi amabili nesikhombisa ukuvundla kukho. Futhi kuphakeme kakhulu ngangokuthi ngisho umswakamo kumbe lutho olunga... Umswakamo awuhambi wenyuke cishe ngamamayela ayisishiyagalombili kumbe ayisishiyagalolunye, ukuphakama, khona-ke zazingaphandle kwendawo lapho khona okungekho lutho olungenza umswakamo. Niyabo? Futhi lokhu kwaku, ngicabanga ukuthi kwakungamamayela aphakathi kwamashumi amabili nesikhombisa ukuphakama namamayela angamashumi amathathu ukuvundla kwakho, kumbe kwakuphakathi kokuthi kwaku—kwakungamashumi amabili... kumbe amamayela angamashumi amathathu ukuphakama namamayela angamashumi amabili nesikhombisa ukuvundla kukho, okukodwa noma okunye. Iphephabhuku *iLife* yayiluqukethe, kumbe *iLook*. Kwakuyiliphi, *iLook* kumbe *iLife* na? *iLife*, iphephabhuku *iLife*. Ngicabanga ukuthi, ngoMeyi ziyi 17, ukukhishwa. Yilo.

²⁴ Manje nakho-ke, ngokwesayense, ubufakazi bokuthi kuliQiniso, ngakho-ke a—asikhathazeki ngokuthi ngabe kuliQiniso yini; ngakho kokubili ngokwesayense, nangokomoya, nalokho okwashiwoyo kuyafezeka. Ngakho, uMlayezo weziMpawu eziyisiKhombisa, ekuvaleni kwazo, lowo nguMlayezo weBhayibheli lonke. IziMpawu eziyisiKhombisa lula iTestamente eLisha futhi lilinekeke du ngophawu. Yiqiniso lelo. Manje, siyazi ukuthi lokho kunjalo, ngokuzwakalisa kwesiprofetho, ngokwesayense, nangeZwi. Okuthathu kunikeze ubufakazi kukho, ukuthi kuliQiniso.

²⁵ Ngakho-ke, siyazi ukuthi sisesikhathini sokuphela. Silapha. Angazi ukuthi kuqhele kangakanani, ngi—ngi... Akasoze asazise lokho, ngoba ukuFika kwaKhe kuyoba “njengesela ebusuku.” Bangane bami, mfowethu, dadewethu, asivele sizilungiselele, noma ngabe kwenzekani. Masibe-msulwa qobo lwethu nje. Niyabo? Ngoba, izwe liyovele liqhubekele phambili. Abasoze bazi ngisho nokuthi sekwenzekile. Lapho iminyango yomusa usuvaliwe, abashumayeli bayobe beshumayela insindiso, be—benze abantu baphenduke, baziqhubekele phambili nje njengoba kwakuhlale kwenza. Kwenza kweminye iminyaka, futhi kwenza e... Kuzokwenza kulonyaka.

NoHlwitho luyoba masinya futhi lusheshe kakhulu, ngangokuthi izwe aliyikubageja ngisho, ukuthi sebehambile.

Kunjalo. Abayikwazi lutho ngakho. Uyafika aMthathe isinyelela. Luyobe seluhambile, abayikwazi lutho ngalo.

Ngakho, yibani semkhulekweni. Ningikhulekele. Ngizonikhulekela. Asazi ukuthi lelohora liyoba nini, kodwa sikholwa ukuthi kuzoba maduze. Dedani ezintweni ezicwebezelayo. Hlalani neVangeli, niyabo, hlalani khona lapho manje, futhi nikhuleke.

²⁶ Manje, uBilly ungibhalele incwadi lapha, kumbe inothi njalo, futhi wathi kukhona obefuna ukubusisa ingane. Uma lokho kunjalo, (kunjalo na?) phakamisa isandla sakho, uma othize. . . Ya, izingane ezimbili. Kulungile, zikhuphuleni khona manje. NoMfowethu Neville. . . Futhi angazi noma udadewethu opiyaneni angeza ngapha okomzuzwana nje, ukuba kubusiswe ingane. Asifuni kushiya lutho ngaphandle.

²⁷ Manje, khumbulani, ngalesisikhathi kusasa ebusuku, iNkosi ithanda, ngizoba seDolobheni laseNew York. Futhi siya lapho enkundleni yempi, u “kulwa ukulwa okuhle kokuKholwa.”

²⁸ Ngakho khona lapha nje, dade, uma uthanda. Khona lapha ngaphambili, futhi ngizobaqukula. Yebo, memu. Ngiyabonga. Futhi manje si. . .

²⁹ Bangaki abazongikhulekela na? Manje, uma uNkulunkulu ethanda; okungukuthi, ngethemba ukuthi Uyathanda; ngeSonto, iviki. . . Uma kulungile kuMfowethu Neville. [UMfowethu Neville, uthi, “Kulungile lokho.”—Umhl.] NgeSonto, iviki, ngizobuya futhi, endleleni yami ngibheke eLouisiana, futhi ngime ngale ngenzele umhlangano lapha ebandleni.

³⁰ Ngifuna ukunibonga nonke ngomusa wenu. Lelo nenekazi elangithumelela lowoswidi enhla lapho, ngi—ngiyakuthakasela lokho. Angazi ukuthi inenekazi belingubani. Omunye ungithumelele ibhokisi likaswidi namanye angamabholana aphafukayo kanjalo. Ubumnandi ngempela, ngempela. Ngisuthi wona njengamanje, futhi ngi—ngiyabonga. Futhi nicabanga ukuthi lezozinto ezincane azisho lutho kangako na? Impela kuyasho; uphawu oluncane. Nabehlukene bengenisa izipho zabo ezincane zothando. Futhi bekhombisa uBilly Paul, futhi bebanikeza, nezinto. Ng—ngiyakuthola, niyabo. Anazi ukuthi ngikuthakasela kanjani! UNkulunkulu anibusise. Ngizokukhumbula, niyabo, ukukhumbula kangakanani—ke Yena. “Lokho enikwenze kwabancinyane balaba abancane baMi, nikwenze kiMi.” Niyabo? Manje, umusa uyobonakaliswa nxa umusa unikezelwa.

³¹ Manje, sinontanga abahle abancane lapha. Ninga. . . Ngifuna nihlale laphaya bese nicula uBaNgeniseni, kamuva. Kulungile, nina bafowethu khuphukelani lapha umzuzu nje.

He, nangu owokuqala, amehlwana amabili ansundu angibukayo, nokukhulu, ukumamatheka okubukekayo.

Intombazanyana, ubani yena...[Umama uthi, “Sharon Rose. Sharon Rose.”—Umhl.] Sharon Rose, lelo yigama elikhulu kimi. [“Sametha lona, Mfowethu Branham, ngelowakho.”] Ngelentombazanyana yami eseyasishiya. [“Sametha engakazalwa ngisho, Mfowethu Branham.”] Nametha engakazalwa. Uma kwakuzoba yintombazanyana, nanizokwetha ngoSharon Rose. [“Sasiqinisekile ukuthi wayezoba yintombazane. Wayefanele abe yiyo.”] Efanele ukuba yiyo. [“Sharon Rose Goodman.”]

Niyazi uk’thini? Angazi ukuthi niyakwazi yini noma qha; ukuba umkami ubemi lapha, mhlawumbe ubeyocishe aqleke. Lena yingubo ewuhlobo olufanayo intombazanyana yami eyayinayo ekubusisweni, uSharon Rose omncane. Lona mhlawumbe...Sengathi lona angaphila; lapho, uNkulunkulu umthathile wamkhuphula owami.

Ubani isibongo sakho na? [Umama uthi, u “Goodman.”—Umhl.] Nkk. futhi...Ungowalapha edolobheni na? [“Chicago.”] Chicago. Mfowethu noDadewethu Goodman, uNkulunkulu anibusise.

Niyazi, uSharon wami omncane wayebukeka kanjalo. Angiboni ukuthi ukhona lapha omkhumbulayo ukuthi wayebukeka kanjani. Wayenamehlwana ansundu kanjalo, njengonina, intombazanyana enomoya omuhle ngempela enezinwele ezimnyama. Nje ethi... .

Indala kangakanani ingane na? [Unina uthi, “Izinyanga ezinhlanu.”—Umhl.] Izinyanga ezinhlanu. Wayenezinyanga eziyisihiyagalombili ngenkathi uNkulunkulu embizela phezulu. Ngimbonile, kancane emva kwalokho. Niyayazi indaba. [“Sinayo ekhaya, iseteyipini.”] Ninayo ekhaya, iseteyipini.

USharon Rose uvela eZwini. Ngaliphendula, lisukela, e “Ntebeni yaseSharoni.” Futhi Wayedinga encane, yazo, e-altare laKhe, ngakho Wayithatha. Niyabo? Futhi ngiyobuye ngibenaye futhi. Sengathi uSharon wakho omncane angaphila ukuba agcwalise impilo ayezoyiphila lapha emhlabeni. Futhi sengathi angaba nani eNkazimulweni, njengoba ngizizwela ukuthi uSharoni wami uzoba nami.

Sawubona? Niyabo? Ukhuluma ngentwanyana enobungani, awubheke lokhu! Uyazimamathekela nje.

Asikhothamise amakhanda ethu.

Nkulunkulu othandekayo, njengoba ngibambe leligugu elincane, uSharon Rose omncane. Uyazi enhliziyweni yami, Nkosi, engikucabangayo, ngakho angidingi ukuba ngikuveze. Ayibusiswe iNkosi uNkulunkulu Esipha lamagugu amancane ezinhliziyweni zethu! Busisa lelikhaya lakwaGoodman. Sengathi abazali bangahlonishwa, okungukuthi kunjalo bahlonishiwe, ukuba negugu elinje ekhaya. Sengathi lingahlala

ekhaya labo, Nkosi. Futhi uma likhona ikusasa, menze abe ngowesifazane ohloniphekile wakusasa.

Futhi manje, Nkosi Nkulunkulu, ekulaleleni kulokho Osiyale ngakho, ngesibonelo saKho, ukuba kwenziwe, Wathatha abantwana abancane ngezingalo zaKho futhi wababusisa, wase uthi, “Vumelani abantwana beze kiMi.” Futhi baletha ingane kimi, ngiyinceku yaKho, njengoba Washo ezincekwini zaKho ukuba ziqhube umsebenzi waKho. Futhi lapha kumi izinceku zaKho, uMfowethu Neville, noMfowethu Capps, nami. Futhi manje, Nkosi Nkulunkulu, kusukela ezingalweni zikababa nomama, siKunika uSharon Rose Goodman omncane, esimnikela abeyimpilo yokukhonza, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu anibusise! [UDadewethu Goodman uthi, “Mfowethu Branham, sinabanye futhi abahlanu ekhaya, amantombazane amabili nabafana ababili.”—Umhl.] Abahlanu abancinyane, ngaphandle kwalo! [“Yebo.”] Kuhle kakhulu! UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Goodman. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Goodman. Futhi sengathi iNkosi ingabusisa uSharon omncane!

Sawubona, mfowethu? Manje ake sibone, ngi—ngi . . . Arnett. [Ubaba uthi, “Arnett.”—Umhl.] Arnett. Arnett, kulungile. [“Wethiwe nga—wethiwe ngawe.”] Ngabe kunjalo na? UWilliam, William Arnett? [“James William Arnett.”] James William Arnett. Lowo ngumfana omuhle. Niyazi, ezinye izinto esinazo ezifanayo, yena nami, sesivele; amagama, bese-ke sikama izinwele zethu zibe nendlela ngokufanayo, niyabo. Ungumfana omuhle, uJimmy. Ngigagele nimbiza kunjalo, uJames? [“James.”] UJames, khona-ke, kulungile.

Angazi noma ngingambamba yini? [“Angahle akuvumele.”] Angazi. Manje, Jimmy, awu, singobhuti ngempela. Niyakwazi lokho, anikwazi na? Kulungile.

Asikhothamise amakhanda ethu.

Nkosi Nkulunkulu, Ulibusisile lelikhaya, ikhaya lakwa Arnett ngalomfanyana omuhle. Futhi ngikhulekela ukuthi Ubusise uyise, unina, abathandekayo bakubo. BangamaKristu. Ukuthi uyise ulwe kakhulu kangakanani, lab’osikilidi nezinto ezehlukene, kusukela . . . Ngelinye ilanga kufika ngo, “ISHO KANJE INKOSI.” Wayenjengowesifazane owayephikelele ukuthi wayezoze afinyelele lapho. Nakuba ibhizinisi lakhe owesilisa lamehlulekisa, futhi yonke into ibonakala sengathi iyehluleka, ubelokhu eyithatha ingxenye yemali yakhe futhi walindela ingxoxiswano emva kwengxoxiswano, kwaze kwathi ngokunye ukusa kwenzeka. Wakholwa ukuthi kwakuzokwenzeka.

Manje uletha lomfanyana Ombusise ngaye, O Nkulunkulu, isithelo sokuhlangana kwabo. Ngiyambusisa loJames William

Arnett omncane, eGameni likaJesu Kristu. Mnike impilo ende. Menze abe yindoda efanele yeVangeli laKho lakusasa, uma likhona ikusasa. Futhi, okokugcina, eMbusweni ozayo, sengathi singaba lapho ndawonye. Mina...Izinceku zaKho, sibeka izandla zethu phezu kwakhe futhi simnikela kuJesu Kristu, ngenxa yalempilo yokukhonza. Amen.

Busiswa. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kusekhona abanye ababili na? Laba basengabafanayo. Kulungile.

Ngikholwa ukuthi ucishe wangiphakamisa, esikhundleni sokuba mina ngiphakamise wena. Lona ngu...[UMfowethu Arnett uthi, “Lowo ngu—lowo ngu-Al.”—Umhl.] U-Alfred, futhi u-Al noMartha. Dedela ibandla nje, ngithanda bababone abantwana. Ngiyacabanga, nxa besebancane, bebasha, banomoya omuhle.

Manje asibeke izandla zethu phezu kwabo.

Ngokunjalo, Nkulunkulu uSomandla, thina zinceku zaKho, sibeka izandla zethu phezu kwalababantwana, umfowethu omncane nodadewabo walomfanyana abasanda kubusiswa lapha. Sibeka izandla zethu phezu kwabo ukuba ba—banikelwe, besuka kumama nobaba, baye ezingalweni zikaJesu Kristu, ukuba babengukuphila kokukhonza, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu anibusise, Al noMartha. Dadewethu, kuhle kakhulu ukunibona futhi. INkosi ibe nani.

Lomfo omncane, he, ungumfana olungileyo. Ngangivamise ukwazi ukukama izinwele zami zibe nendlela kanjalo. Niyabo? Ubani igama lakhe na? [Ubaba uthi, “Terrell Keith Walker.”—Umhl.] Ke-...[“Terrell Keith Walker.”] Herrell Keith Walker. Umfana omuhle kanje!

Angazi, nje angazi, niyabo. Ungibuka sengathi angahle akwazi. Angazi noma ngingambamba yini? [Ingane iyakhuluma—Umhl.] Ingabe kunjalo, Keith na? O, ungumfana omuhle. Impela. Akasuye umfanyana othandekayo yini lowo na? Herrell. [Umama uthi, “Terrell.”] Herrell, Terrell Keith Walker.

Nkulunkulu uSomandla, ukusuka ezingalweni zabazali kuya ezingalweni zikaJesu Kristu, uTerrell Keith Walker omncane, sibeka izandla zethu phezu kwakhe ekumnikeleni kuNkulunkulu uSomandla. Njengoba ubaba nomama befisa kanjalo ukuthi lengane iyokhuliswa ngokuyala kukaNkulunkulu. Uma likhona ikusasa, menze abe yinceku efanelekile yalokhu ukunikelwa, ngokuba thina izinceku zaKho sibeka izandla zethu phezu kwalengane futhi siyinikela eNkosini uJesu Kristu. Amen.

Busiswa, Mfowethu Walker. Ngabe lona nguDadewethu Walker na? [UDadewethu Walker uthi, “Yebo,

mnumzane.”—Umhl.] Kuhle ngempela. Unomfana omuhle, futhi sengathi uNkulunkulu angakubusisa.

[UMfowethu Gramby ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Kulungile, mnumzane. [UMfowethu Gramby uyaqhubeka nokukhuluma.] Ya. [“Futhi yakhulekelwa ngenkathi izalwa. Yazalwa ineqhubu emhlathini wayo. Futhi wayikhulekela, futhi lokho kwasuka masinyane.”] Lentombazanyana, uMfowethu Grimsley owethu... [Umfowethu uthi, “Gramby.”] Gramby. Ngi—ngiyakuphambanisa lokho. NginoMfowethu Grimsley, ngilokhu ngicabanga... UMfowethu Gramby uletha lentombazanyana. Futhi ngenkathi izalwa, yayineqhubu elikhulu ebusweni bayo. Futhi ngayikhulekela, neqhubu lasuka. Futhi manje bafuna ukukhuleka, ngoba... Ngabe abazali bangamaKristu na? [“Abasiwo amaKristu.”] Abasiwo amaKristu. Futhi besaba ukuthi umoya omubi uthatha umntwana, futhi bafuna ususwe.

Asikhuleke.

Nkosi Jesu, phezu kwalomntwanyana, njengoba kwencika phezu kwe-altare... Okungukuthi, Wena ukhombise umusa, ukususa ithumba eliyiqhubu emlonyeni wakho. Manje umoya omubi uzama ukuthatha impilo yomntwana. Akungabazeki ukuthi Ubungayisebenzisa lentombazane, futhi uceba ukukwenza, futhi uSathane uzama ukulithandela icebo. Ngakho-ke, siyamyala uSathane, eGameni likaJesu Kristu, ukuba asuse izandla zakhe—zakhe naye uqobo adede kulomntwana; njengoba simnika iNkosi uJesu Kristu, ngenxa yodumo lukaNkulunkulu. Amen.

Mfowethu Gramby, uyakholwa. Umntwana usemncane kabi ukuba angaba nokukholwa, kodwa uyokholwa.

³² Ngiyamthanda. Aninjalo nina na? Uyamangalisa.

Manje, wonke umuntu, ngethembisile kulobubusuku ukuthi ngizophuma ligamenxe elesishiyagalombili, ngakho lokho kunginika ingxenye yehora. Angazi manje mayelana nalokho. Ngingahle ngithi kancanyana ukwephuza kunalokho. Kodwa masithi manje... .

³³ Ngiyajabula ukubona uMfowethu Dauch lapha kulokhukusa. Futhi angazi ukuthi enye indoda ihambe yabhekaphi; kodwa kulokhukusa, uma eke wakhona afana naye, bekukhona indoda ebihlezi khona emuva lapho, ibifana naye nse. Ngathi, “Uyena muphi uMfowethu Dauch na?” Ngabheka emuva naphambili, futhi bengizokusho; futhi bengingene shi eMlayezweni. Niyazi, Mfowethu Dauch, ubukeka njengoba ubuhlala unjalo nje. Ngiyajabula kakhulu ukumbona ekulesosimo.

³⁴ Khona maduze nje, benginocingo oluvela kude eTucson, ukuba ngimkhulekele futhi, ukuthi kukhona okunye okuthize

obekwenzeke kuye. UMfowethu Dauch u, ngiyacabanga, namashumi ayisishiyagalolunye kumbe kungenjalo amashumi ayisishiyagalolunye-nanye. Uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, ngiyakholwa, noma amashumi ayisishiyagalolunye-nanye. Futhi umzimba wakho ulokhu wehlela phansi. Kodwa, “Ziningi izinhlupheko zolungileyo, kepha uNkulunkulu uyamkhulula kuzo zonke.” Futhi ngesinye isikhathi, lapho umzimba usufika endaweni lapho ongeke khona usabamba uhlanganise, ngiyazi ubambe iSandla. Nakuba kuyigabade lothuli, uNkulunkulu wethembisa ukulivusa futhi, ngezinsuku zokugcina. Futhi ngibonga kakhulu.

³⁵ Ngiyamkhumbula uMfowethu Dauch, ngenkathi engena echibini lapha ukuba abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, futhi wayengenazingubo lapha ukuba abhaphathizwe ngazo, kodwa wayefuna ukuhamba noma ikanjani. Futhi uNkulunkulu ubenomusa kuleyondoda. Cabanga nje, usedlule ngeminyaka engamashumi amabili esikhathini uNkulunkulu amethembisa sona. Niyabo? Uma lowo kungesiwo umusa!

Futhi esalokhu elele, ngelinye ilanga, enokwehluleka kwenhlizyo okuphelele, nokuhlaselwa yinhlizyo, niyabo, ngaphezu kwalokho. Futhi ukuba uNkulunkulu akayiphulukisanga leyondoda futhi ayenyuse isuka lapho, khona lapho. Futhi ngiyakholwa, kusukela ngaleyonkathi, umelaphi wakhe usefile. Ngabe kunjalo na? Mina ngiyaqo- . . . Ya, ukuthi ngisho umelaphi, umelaphi womJuda o—owayemnyanga, nezinto, futhi wama ehholo futhi wakhuluma nami ngaye, useshonile. Niyabo?

He, kangakanani, lujule kangakanani uthando lwaKho, O Nkosi! Likhulu kangakanani uthando lwaKho!

³⁶ Manje, sinamaduku athize lapha esizokhulekela phezu kwawo, emizuzwaneni embalwa nje. Kodwa ngizokhuluma kancanyana ngokukholwa, sizobe-ke sesibona ukuthi iNkosi iholela kuphi, ukuthi sizokwenzani kusukela kulesosikhathi kuqhubeke. Awu, asikushiyele kuYe nje, leyo yindlela engcono ezedlula zonke. O, ukuhlala ndawonye ezindaweni zaseZulwini!

³⁷ Ngikhulume nabanye babangane bami, namhlanje, emva kokuba sengiphuma eBlue Boar laphaya. Futhi ngithe, “Nizoyihlalela inkonzo na?”

³⁸ “Yebo.”

³⁹ Ngathi, “Nizodingeka mhlawumbe nishaye kuze kube ngeleshumi nambili kumbe elokuqala nqo.” Babheke ukuba bafike ekhaya lapha ngelesithupha ekuseni, kuyizindlela ezikude impela. Khumbulani, bangumuntu, futhi bayakhathala njengami nje. Kude ezansi eTennessee, nangakulezo ndawo, bayahamba. INkosi ibabusise.

40 Ziningi kakhulu izinto ebengingazisho; ngivele ngithathe sonke isikhathi. Kodwa a—angitholi ukunibona kaningi, futhi ngi—ngi—ngiyakuthanda nje ukukhuluma nani, ngandlela thize. Kodwa uma ngingakutholi ukunitshela konke engikucabangayo ngani, lapha, . . . Niyabo?

Ngifuna ukubatshela labobafowethu. Abanye babo bakhophe amabandla abo.

41 UMfowethu Jackson, lapha kulokhukusa, unikeze lokho kuhumusha okuhle ko—kolimi olungaziwa omunye umfowethu akhulume ngalo, futhi eqinisa noma esekela ukuthi BekunguNkulunkulu. Nike naqaphela, Akazange athi Bekungesilo iphutha, Akazange asho ukuthi Bekungenjalo; Uvele nje wanikeza isexwayiso ukuba kulalelwe. Niyabo? Niyabo? Ngakho, uMfowethu Junior ubelapha kulokhukusa, futhi ukhiphe ibandla lakhe.

Futhi ngiyaqonda ukuthi omunye wabafowethu abavela ezansi . . . amanye amabandla, avela lapha eSellersburg.

42 No—noMfowethu Ruddell, ubelapha kulokhukusa. Angazi noma balapha kulobubusuku noma qha. Kulungile, lapha futhi kulobubusuku! Awu, iNkosi ikubusise, Mfowethu Ruddell. Nawe . . .

Nje angikwazi ukukubeka kahle, lokhu nje engikucabangayo. Kodwa mhlawumbe . . . Awu, nxa sesifika ngale kwelinye icala, ngifuna ukuhlala phansi nani iminyaka elishumi lezinkulungwane nje, kukodwa, niyabo. Khona-ke, niyabo, siyoxoxa ngakho konke.

43 Futhi ngenkathi ukuvuna kusavuthwa, nezisebenzi ziyingcosana, asimbe singene kukho impela, ngenhlanhla kungahle kubekhona isoni esihlezi eduzane. Kungahle kube nothile ongahle kulobubusuku aguqule yonke inkambo.

Futhi ukuba bekungesiso isikhathi, namhlanje ekuseni, kulobubusuku bezingahle zivalwe iziNcwadi. Khumbulani, akasayikubakho omunye oyobuye angene uma lawomagama esehlengiwe.

Ngaphambi, manje, wonke umuntu akalalelisise impela ngaphambi kokuba ngifunde umBhalo.

44 Bonke labo abayo ke bahlangwe, uNkulunkulu ufaka igama labo eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokuba izwe lize lifike ekudalweni. Bangaki kokwaziyo lokho na? Lowo ngumBhalo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Futhi umphikukristu, ezinsukwini zokugcina, uzoba seduze kakhulu njengento yangempela, iBanda langempela, yonke into njengoba uJuda wayenjalo, kuyoze kudukise nabaKhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka. Ngabe kunjalo na? Kodwa akekho umuntu ongeza kuJesusu uma uNkulunkulu engamthumi,

nakho konke lokho uNkulunkulu akupha Yena kuyoza kuYe. Futhi nxa Esethatha leyoNcwadi, igama lokugcina . . .

⁴⁵ Niyabo, bonke onyakeni weLuthela, Wabadonsela ngaphandle. Bonke onyakeni kaWesley, Wabadonsela ngaphandle. Bonke eminyakeni eyehlukene, nonyaka wamaPentecostal, Ubadonsela ngaphandle. Bangapha, abayikwahlulelwa kanye nabo. Bayahlwitha. Bese kuthi-ke lapho igama lokugcina seliphuma, elafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, elahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe; nxa lelogama lokugcina selihlengiwe, umsebenzi waKhe usuphelile, Ufika ukuzobiza lokho Akuhlengiwe. Lokho kwenza inhliziyoyethu yophe. Kodwa uma kuqhubekele eminyakeni eyinkulungwane kamuva, bekungebebhiko noyedwa obeyohlengwa.

Futhi akekho ongahlengwa ngaphandle uma bafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Bangobani na? Angazi. Akekho omunye owaziyo, niyabo, nguNkulunkulu yedwa nje. Ngethemba ukuthi sonke, amagama ethu ayekuleyoNcwadi. Uma elami lalilapho, ngiqinisekile ukuba lapho; uma lalingekho, angiyikubakhona lapho. Yilokho kuphela. Niyabo, nje, lokho nje kukuNkulunkulu. “Akuyi ngothandayo, ogijimayo, kodwa kuya ngokuhawukela kukaNkulunkulu.” Niyabo?

⁴⁶ Manje akesithi manje ukusondela eZwini, ngayo yonke inhlonipho nobuqotho. Futhi ngicabanga ukuthi yileyo eyodwa esifanele ukuyenza, niyabo. Ake siyeke umbhedo omningi kangaka! Sihloniphe, sibe qotho!

Ngiyaziqaphela lezozivumo ngezinye izikhathi lapho be . . . Kwitelevishini, ngenkathi babenalowomhlangano kaBilly Graham; akukho lutho engimelene ngalo noBilly Graham. Kodwa laphaya eCalifornia, indoda yashumayela umlayezo omangalisayo ngalobobusuku bangayizolo; yashumayela yona into efanayo impela engayishumayela lapha esikhathini esingaside esedlule, ngoDaniyeli, “Ulinganisiwe esilinganisweni ufunyenwe ulula.” Bangaki abakubonayo na? Ingingi lenu, ngiqagele.

⁴⁷ Bukani, nabaqaphela labobantu beza ngezikhala zezihlalo, behlafuna ushungama, behleka, bedushuzana na? Lokho akusikho ukwenyuka phakathi kokufa nokuPhila. Lokho akusikho ukudabuka ngesono, nokuphenduka. Niyabo? Kuyilokho impela uBilly akusho, “Benza isinqumo.” Nokubandayo, ukuvuma okumehlo-omile, isinqumo, akulutho, akulutho. Ufanele udabuke ngesono, futhi usuke kuso.

Futhi uBilly qobo lwakhe wathi, “Kufakazisa ukuthi, ezinkulungwaneni ezingamashumi amathathu, awusawatholi amashumi amathathu onyakeni.” Wathi, ngelinye ilanga, “Yin’indaba nge New York na? Nganginalowomhlangano

omkhulu lapho, futhi kwenzekani na? Isono sibi ukwedlula lokho esake saba yikho.”

⁴⁸ Futhi sizoqhubeka siya ngokuba sibi kakhulu. Akuyikubakho re... ukuphenduka kwesizwe. Isizwe sesihambile. Nina nje, bantu ngabanye; futhi masinya lokho kuzobe sekwedlule, uma kungasavele kwedlule. Manje, kumakeni phansi nje lokho, nina bantwana enisebancane. Niyabona ukuthi usekude kangakanani uMfowethu Branham. . . Akusuye uMfowethu Branham. Lokho engikushilo ukuthi kulungile noma akulungile. Isono siyoya ngokuba sibi siba sibi koze kuthi ngelinye ilanga izibhakabhaka ziyokokheleka ngomlilo, siyowela emhlabeni, nomhlaba uyosha ngokushisa okuvuthayo. Kodwa, abaHlengiweyo bayobe bengasekho lapha ngalesosikhathi, bayobe sebehambile.

⁴⁹ Manje eNcwadini kaMarku oNgcwele isahluko se 11, uJohane wokuQala 4:4 nakuMathewu 28:20, ngifisa ukufunda.

⁵⁰ Manje, kuqala, ngifisa ukufunda kuMarku oNgcwele, isahluko se 11, nevesi 12 kuya kwelama 24.

Lalelisisani impela manje njengoba sifunda. Futhi manje lokhu kuzosekela ngobufakazi obuncane, namazwi ambalwa entshumayelo, sizobe-ke sesibona ukuthi iNkosi izosenzisani. Wonke umuntu akahlale phansi nje futhi abe semkhulekweni manje, njengoba sifunda.

⁵¹ Marku 11:12.

Ngangomuso, eku . . . phuma eBethaniya, walamba:

Wabona umkhiwane ukude unamaqabunga, wasondela, ethi ngokujabula angathola utho kuwo: esefika kuwo, akafumananga-lutho amaqabunga odwa; ngokuba kwakungesiso isikhathi samakhiwane.

UJesu wakhuluma wathi kuwo, Akungabe kusadla umuntu isithelo kusukela manje kuze kube-phakade. Abafundi bakhe bakuzwa.

Bafika eJerusalema: uJesu wangena ethempelini, waqala ukuxosha ababethengisa nababethenga ethempelini, wagumbuqela amatafula abashintshelana imali, nezihlalo zabathengisa ngamajuba;

Wayengavumi ukuba umuntu adabule ithempeli ethwele isitsha.

Wafundisa, wathi kubo, Ku . . . lotshiwe ukuthi, indlu kaBaba waMi iyakubizwa ngokuthi i . . . indlu yokukhuleka yazo zonke izizwe? kepha nina niyenze umhume wabaphangi.

Ababhali nabapristi abakhulu bekuzwa lokho, bazindla ngokuthi bangambhubhisa kanjani: ngokuba

ba—ngokuba babemesaba, lokhu bonke abantu bamangala ngokufundisa kwakhe.

Sekuhlwile, waphuma emzini.

Ekuseni, (manje lolo ngolunye usuku), bedlula, babona umkhiwane womile kusukela ezimpandeni.

Emahoreni angamashumi amabili nane, isimangaliso sase senzekile, Eseshilo kuso, “Akekho umuntu odlayo.” Akukho, okwakubukeka sengathi, kwenzeka ngaleso sikhathi; kodwa, ngosuku olulandelayo, sase somile.

UPetru ekhumbula wathi kuye, Nkosi, bheka, umkhiwane owuqalekisileyo ubunile.

...UJesu emphendula, wathi kubo, Kholwani nguNkulunkulu.

Ngiqinisile ngithi kini, Yilowo nalowo oyakuthi kulentaba, Nqukuleka, uphonseke elwandle; engangabazi enhliziyweni yakhe, kepha ekholwa ukuthi lokho akushilo kuyenzeka; uzakuba nakho akushoyo.

Ngakho ngithi kini, Konke enikufisayo lapho nikhuleka, kholwani ukuthi niyakukwamukela, nizakuba nakho.

Futhi nxa nimi nikhuleka, thethelelani, uma ninamagqubu nomunye: ukuze noYihlo osezulwini anithethelele iziphambeko zenu.

Kepha uma nina ningathetheleli, noYihlo osezulwini akayikunithethelela iziphambeko zenu. (Kungaphansi kwemibandela.)

⁵² Manje ngingathanda ukufunda uJohane wokuQala 4:4.

NingabakaNkulunkulu, nina-bantwanyana, nibahlulile: ngokuba... (lalelisisani)...lowo okini mkhulu, kunalowo osezweni.

⁵³ Ake ngiwufunde futhi manje.

NingabakaNkulunkulu, nina-bantwanyana, nibahlulile: (ukhuluma ngomphikukristu), ngokuba lowo okini mkhulu, kunalowo osezweni.

Izabizwana ezimbili, niyabo, “lowo,” isabizwana somuntu; “lowo” osezweni, na “Lowo” okini. “Lowo okini mkhulu kunalowo osezweni.”

⁵⁴ Manje, ne—nesahluko 28 sikaMathewu oNgcwele, nevesi lama 20.

Nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho: ... bhekani, mina nginani njalo, kuze kubesekupheleni kweze.

⁵⁵ Manje indikimba evela kulokho, kulobubusuku, ngingathanda ukusebenzisa lokhu njengendikimba: *Lowo*

Okini. Futhi phezu kwalokhu ngifisa ukwakha ukukholwa, kusobala, mayelana nenkonzo yomkhuleko. Futhi nje ngokushesha . . .

⁵⁶ Manje, kunjengoba nginitshelile, ngithanda ukunazisa ngezehlo esenzekileyo. Futhi ngokuvamile ngiyaye ngilinde ngize ngifike e—endlini yokukhonzela lapha, ukuba ngisho izehlo. Bese kuthi-ke uma abanye ethanda ukusizwa, bangasithatha emateyipini. Kodwa ngilinda ngize ngibe lapha.

Futhi kukhona, okungenani, kulesisehlo engizonixoxela ngaso khona manje, kukhona indoda amaningana lapha engufakazi walezi, abazalwane abangamaKristu. Lo owayekhona, kwakunguMfowethu Banks Wood. Omunye owayekhona, kwakunguMfowethu David Wood. Omunye, okhona lapha, kwakunguMfowethu Evans nendodana yakhe, uRonald. Omunye owayekhona, umdikoni wakithi odumileyo, uMfowethu Wheeler. Nomunye, okhona, kwakunguMfowethu Mann. Ukhona yini uMfowethu Mann lapha, waseNew Albany na? Umshumayeli weMethodisti engambhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, maduze nje, wayelapho, futhi, ngenkathi lokhu kwenzeka.

⁵⁷ Sekuyisikhathi impela, iminyaka emibalwa, lapho engibe nomthwalo ojulile esifubeni sami engi . . . enhliziyweni yami. Kwezwakala kimi sengathi kwakukhona okuthize engangikwenzile okungalungile. Futhi ngahlolisisa impilo yami, ngiyiphenduphendula ngiyiphendula, ukubona ukuthi yini eyayingalungile. “Nkosi, uma—uma kukhona noma yini engalungile engiyenzile, khona-ke Wena vele ungembulele khona, okungalungile, futhi ngizohamba ngikulungise.” Kodwa akwangambulwa lutho kimi. Ngithi, “Ngabe ukhona engimlimazile na? Ngabe kukhona engikushiye kungenziwanga na? Ngabe mina . . . ngabe ngifunda ngokwanele na? Ngikhuleka ngokwanele yini na?” Futhi ngizofunda futhi ngikhuleke. Futhi—futhi ngi—ngithi, “Ngembulele khona. Ngabe ukhona engimlimazile, ndawo ndawo na? Uma ngikwenzile, ngizokuhlambuluka. Ngikhombise nje; angiwufuni lomthwalo.” Futhi iminyaka emihlanu edlule, selokhu ngaphuma ensimini, bekukhona umthwalo olenga enhliziyweni yami.

⁵⁸ Ngiye ezintabeni. Ngiye ogwini lolwandle. Ngiye ndawo zonke, futhi ngakhuleka futhi ngakhuleka futhi ngakhuleka, futhi kwakuvele kungavumi ukusuka. Futhi ngacabanga ngakho konke, uma ngenze noma yini. Kodwa khona, noma kunjalo, kwakungavumi ukusuka; ngangisebugqilini nje, kungathithi.

Futhi kuyisimanga kabi ukuthi lokhu kuvele kwasuka ngesikhathi loMlayezo ufika, niyabo, wanamhlanje ekuseni. Manje, ngabe bekunguNkulunkulu ewubambeke lokhu na? Angazi. Niyabo, ngi . . . Lezizinto konke bekusemqondweni wami. Ungazicabangela ukuthi kukhonani emqondweni

womuntu nxa uhambisana nalokho, niyabo, ukucabanga ngokuthi kwenzekani; futhi, ukwazi, ukutshela abantu, wazi ukuthi abanye bazokuthatha ngesinxele, nabanye bayohamba *ngapha*, *nangapho*. Futhi niyazi ukuthi kunjani. Futhi abanye bazokholwa, nabanye angeke. Futhi, kodwa yilokho okufanele uhambisane nakho.

⁵⁹ Ungakusho kanjani ngaphandle kokulimaza na? Ungakusho kanjani, ukuthi kuzosebenza na? Ungakusho kanjani, ukukhombisa abantu ukuthi awu—awubangqofi, ukuthi uyabathanda na? Ungaba kanjani nesandla esiqinile futhi ugxile, kepha nokho ube ngothandayo na? Futhi, o, uzokwethula kanjani na? Futhi-ke maye kimi uma ngingakwethuli! Niyabo? Futhi nakho lapho ukhona. Niyabo? Akumangalisi, kukwenza ulokhu unokwethuka futhi udabukile.

⁶⁰ Ngangehlile ngivela—vela... ngenyuka ngivela e-Arizona, ukuhlangabezana nesigejane sabazalwane lapha, esihamba siyozingela nami enhla eColorado, unyaka ngamunye.

Manje, abanye abantu ubemangala, “Yin’indaba uhamb’uyozingela na? Wenziwa yini na?”

Niyabo, *lapha*, uyagcwalisa, mina ngiyathulula; *laphaya*, ngiyagcwalisa, ukuze ngikwazi ukuthulula. Niyabo? Manje, angihambi nje ngiyodubula inyamazane. Ngani, abantu, noma ngubani lapha ohamba nami, uyazi ukuthi ngedlula emakhulwini omhlambi wezinyamazane futhi ngingazithinti ngisho ukuzithinta. Angizithinti.

⁶¹ Manje, lapha esikhathini esingaside esedlule, ngiqala ukudubulela osomabhezini abangamaKristu izinyamazane, ngenkathi benyuka bese bethi, “Billy, ngitholele inkunzi, ngitholele inkomazi, ngitholele inyamazane enezimpondo ezithi azibe ngamagatsha, ngitholele *lokhu*, kumbe *lokho*, *okunye*.” Ngiphume ngihambe futhi ngivele ngidubule inyamazane, kusukela kwesokudla kuye kwesokunxele. INkosi yangisiza ukuze ngikwazi ukubona futhi ngithole inyamazane, futhi ukudubula okuhle nje, futhi ngizishaye. Futhi—futhi bavele bahlale bazungeze bese bekhuluma ngebhezini labo.

⁶² Yase-ke iNkosi ingitshela ukuba ngingaphinde ngikwenze lokho. Futhi nga—ngaphatheka kabi ngakho, ngakho ngaYethembisa ukuthi ngeke ngisaphinde ngikwenze. Qhabo. Ngathi, “Uma kungokuphuthumayo futhi othize eyidinga, ngiyokwenza. Kodwa uma bengayidingi, ngeke ngakwenza.” Lawomadoda nje, anemali eningi ukuba athenge inyama nezinto. Ngakho pho kungani ngifanele ngenze lokho na? Yeka isilwane siphile uma ungezokusisebenzisa.

⁶³ Ngakho ngivele ngihambe ukuba ngibe ngedwa. Futhi noma yimuphi umuntu, oke ahambe ayozingela nami, bayazi ukuthi angizingeli-namuntu. Ngiphuma ngihambe ngesingami, ukuba

ngibe ngedwa. Ngihamba nabo, ukuba ngibe nenhlanganyelo ebusuku, sime sizungeze futhi sikhuleke, nokunye nokunye.

Kodwa kwakukhona abaningi abanye abefundisi lapho. Kwakukhona, phezulu ezintabeni kulonyaka, kwakunguMfowethu Palmer. Ngikholwa ukuthi ngimbonile ndawo ndawo esikhashaneni... Nangu, ehlezi lapha, uMfowethu Palmer. NoMfowethu Bob Lambert, ubelapha namhlanje ekuseni, ngimzwile ememeza ndawo ndawo. Ngiqagele usekhona lapha. Kwase-ke kubakhona umfowethu... abafana ababili bakwaMartin, ngiqagele balapha. Ingabe bakhona, abafana bakwaMartin na? Mfowethu, uMfowethu Martin. Wangibiza ngelinye ilanga, lokho kwakukuhle. Lowomfana waphulukiswa, lowomfowethu ongumfundisi.

⁶⁴ Ingabe wena ukhona lapha, lowo engamkhulekela, ocingweni, ngelinye ilanga na? Ngiyalikhohlwa igama lakhe, wasezansi e-Arkansas lapho. Umkakhe wangibiza; indoda yayivuvukele konke ohlangothini, nemfiva enkulu, efa. Yona leyondoda eyabizwayo, ezansi e—eLittle Rock, kumbe emhlanganweni waseHot Springs, ehlezi emhlanganweni.

Futhi ngumfo obukeka kahle. Uma elapha, ngiqagele ngeke asukume manje, nhlobo. Kodwa ngiyalikhohlwa igama lakhe. Angisalikhumbuli igama lakhe. [Omunye uthi, “UMfowethu Blair.”—Umhl.] Blair, uMfowethu Blair. Omunye...

Awu, manje, ehlezi emhlanganweni eLittle Rock, bangaki owayekhona, ngiqonde ukuthi, eHot Springs, bangaki kowayesemhlanganweni na? Futhi uMoya oNgewele wambiza ukumzuza ukuze angilahle, ukuba athi ngangu “mprofethi wamanga.” Nendoda yafakaza ukuthi kwakuyiqiniso. Niyabona ukuthi udeveli wayenzani na? Indoda ayiyi kodokotela. Ayikholelwa ekuyeni kodokotela. Kodwa uSathane wayazi ukuthi lesisifo sasizomshaya, futhi wayengayibulala khona lapho. Niyabo? Ngakho wayezama ukuyizuza ukuze ingilahle. NoMoya oNgewele, emseni, wayibizela ngaphandle futhi wayitshela ukuba ingakwenzi lokho; indoda, iyisihambi, wayitshela ukuba ingakwenzi lokho.

⁶⁵ Futhi ngobunye ubusuku, umkayo wangishayela ucingo wayesethi, “Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi uyafa.” Wathi, “Use—usevuvukele konke. Futhi, imfiva yakhe, usethi, akaphambane nasekhanda lakhe.” Wayesethi, “Into yokugcina ayishilo uthe, ‘Biza uMfowethu Branham.’”

Ngathi, “Kukhona onakho, isikhwama sakho semali esineduku na?”

“Qha.” NgangiseTucson; yena owesifazane wayese-Arkansas.

Futhi ngathi, “Kukhona onakho na?”

Wathi, ngiyakholwa, “isikhafu” sakhe.

Ngathi, “Manje beka isandla sakho phezu kwesikhafu, bese ubamba into yokulalela ocingweni ngesinye isandla.” Futhi ngakhuleka ngacela uNkulunkulu ukuba abenesihawu nokuba alahle lesositha.

⁶⁶ Wayesehamba-ke wabeka isikhafu phezu kwendoda. Futhi ngokusa okulandelayo, yangishayela ucingo.

Manje, emahoreni athi awabe angamashumi amabili-nane, kumbe ngaphansi kwalokho.

⁶⁷ Umfowethu othandeka kakhulu, angikamboni kulobubusuku, uMfowethu Roy Roberson. Futhi kanye, niyazi, uMfowethu Roy wayewuhlobo lwendoda elisosha. Uma elapha, ngi—ngiyethemba uyaqonda, ngoba a—a—angikulahli lokho. Kodwa yonke into iqinile, wayengusayitsheni eMbuthweni wezempi, niyazi, futhi ufanele uthi ukujwayela ukwazi ukuphatha abantu njengoba benza eMbuthweni wezempi. “Awu, lezizinto zokomoya ngezomunye umuntu,” hhayi yena! Kodwa iNkosi yamhawukela. Ngabe sewafa; bamlalisa phandle bethi ufile, isikhathi eside. INkosi yamphulukisa; ulandelile kusukela lapho. Kodwa yonke lento yokomoya, ubengayazi ngakho, nemibono.

⁶⁸ Futhi lapha esikhathini esingeside esedlule, abaningi bayawazi umbono owanikezwa uMfowethu Roy ngisho ngaphambi kokuba ngiphumele lapho, mayelana naye engibona ngimi phezulu entabeni lapho, kulokho kuKhanya, nePhimbo liphuma kimi. Lokho kwasusa konke ukungabaza kuMfowethu Roy.

⁶⁹ Futhi ngobunye ubusuku washayeka endaweni enjalo waze wagula kakhulu, futhi yaphakama kakhulu imfiva, nezinto. Nodokotela wayesemnike umuthi, konke, kanti-ke akumsizanga. Waze wafika endaweni lapho wayengasakwazi nhlobo ukuzinyakazela. Imilenze yakhe nezinto kwakunjalo, sengathi, kukhubazekile.

⁷⁰ Futhi umfowethu omncane bakithi udubuleke waba yizicucu, ngamabhezela aphuma kwisibhamu i-eyiti-eyithi, i-eyiti-eyithi yaseJalimane. Futhi kwa—kwavele kwayi... Futhi ngicabanga ukuthi bonke abagibeli-mkhumbi bakhe babulawa, kodwa yena, futhi lapho wasakazwa waba yizicucu.

⁷¹ Futhi niyazi ukuthi kwenzekani na? Ngamtshela umkakhe odumileyo, UDadewethu Roberson, uku... Wathi... ngathi, “Kukhona onakho lapho na?”

⁷² Wathi, “Ngineduku owake walikhulekela.”

⁷³ “Hamba ulilande.” Futhi ngangiseTucson, futhi wabeka izandla zakhe phezu kwalokho, futhi wakhuleka futhi wakhuzwa, futhi wathi, “Dadewethu Roberson, kuzobe sekuhambile.”

⁷⁴ OkuThize nje kwangitshela lapho, “Kuzobe sekuhambile. Yisho!” Futhi phakathi kwengxenywe yehora, imfiva yabe isihambile; wayesekhishini, efunisisa okuthize angakudla. Niyabo? Niyabo?

⁷⁵ Engizama ukukusho, “Ungakulahli neze ukwethemba kwakho.” Ungamvumeli uSathane akutshela okubi ngami; ngoba, kukhona kuningi. Kodwa gcina lokho kwethemba; ngoba, uma ungakwenzi, ngeke kwenzeke. Ungabuki kimi, njengomuntu; ngingumuntu, ngigcwele amaphutha. Kodwa buka lokho engikushoyo ngaYe. NguYe. NguYe Lowo.

⁷⁶ Njengoba sasiseColorado, niyabo, njengoba sasiphezulu lapho, sabuyela emuva. Futhi kwakukade kome ngempela. Inyamazane yayiyindlala. UMfowethu Wheeler, iNkosi yambusisa futhi yamupha u—umklomelo omuhle, futhi sasijabule kakhulu ngalokho. Kwakungokokuqala ukuba abe semahlathini ezingela, neNkosi yambusisa. Futhi khona-ke ngase ngidubule omkhulu umkomelo engangilokhu ngiwufuna iminyaka engamashumi amabili, kade ngiwubhekisisa, uMfowethu Banks nami sasikade silokhu siMlandela isikhathi eside. Futhi ngenkathi ngenza...Ngidubula isibhamu sami esikhulu siphansi ezweni elishisayo, ngisenyusele ekubandeni, savokomala umphini, naphezu kokuthi sasakhelwe engilazini. Futhi sasidubula siqhele ngamayintshi amaningana, futhi sashaya isilwane, simi phakathi kwezihlahla, lapho sasifanele singasishayi; ngaphansi kuna lokho, ngokobuntu sasiyosibulala isilwane ngomzuzwana. Kodwa sasishaya phezulu kakhulu, sona, sagxuma, sengathi siwe kanjalo.

⁷⁷ Futhi uBilly wayenami, futhi wathi, “Leyo isitholile.” Futhi ngacabanga ukuthi isitholile, nami; kodwa ngenkathi sesiwelela lapho, kwakungenjalo. Wathi, “Ushaye isihlahla.” Ngabuka phansi naphezulu, kwakungekho maka esihlahleni. Ngase ngihamba ngisifuna.

Futhi nakho-ke sekufika isibonakaliso sesexwayiso. Kwakukhona ngempela ikhulu lamadoda, ngaphezu kwethu nje. Futhi uMfowethu Palmer nabo ungufakazi walokho. NoMfowethu Evans, kunjalo, wayelapho; uMfowethu Welch Evans nomfana wakhe, uRonnie. Ngikholwa ukuthi ngibabizile, esikhashaneni esedlule. Nenqina enkulu yamadoda yayihambe ngaphezu kwethu, lokho abakubiza ngenkambu yamankomazi phezulu lapho, lapho amakhawa lihlala khona futhi ligibele, lihlala lehlukanise amankomazi. Ngangivamise ukuhlala kuleyonkambu qobo lwami futhi ngeluse lezozinkomo futhi ngilokhu ngizehlukanisile.

⁷⁸ Kwase-ke, ngakho, phakathi lapho, cisha kwakukhona amadoda alikhulu. Kodwa noma ngubani uyazi, kulelozwe, nxa isiphepho esikhulu seqhwa sibikezelwa, ufanele usheshe usuke njengamanje. Yingakho oMfowethu Palmer basuka

ngaphambi kwesikhathi, ngoba babenejubane lokugijima kwemoto elithathu emotweni yabo, futhi babefanele baphume lapho; ngoba, isimo sezulu, ulapho, futhi ungahle uhlale amaviki. Ngakho bathi, “Kukhona isiphepho esikhulu seqhwa esizayo,” isibikezelo, amaphepha, umsakazo. Umthwalo emva komthwalo, ngempela yonke into kusukela phezulu macala onke phakathi lapho kwasuka kwaphuma. Base behambile, njengamanje, ngoba babekwazi ukuphuma lapho.

⁷⁹ Kodwa abazalwane bami babenelayisense yezinyamazane ezimbili ezinezimpondo ezingamagatsha, futhi babe—babengafuni ukuhamba. Ngakho nga—ngathi, “Awu, sizohlala.” Kodwa nganginomhlangano owawuza, cishe ezinsukwini eziyisithupha, futhi ngangifanele ngibuyele eTucson.

⁸⁰ Ngakho, umkami omncane, ngi...sekuyiminyaka engamashumi amabili-nambili sishadile. Futhi amashumi amabili eminyaka, emgubhweni wethu wesikhumbuzo sosuku lomshado, ngangikade ngilokhu ngiphezulu lapho sonke isikhathi; kwenzeka nje ngathi qu lapho. Ngakho nga—ngathola indawana engihlala njalo ngiphuma ngihambe ngiyokhuleka, futhi kwakubukeka kufana nendawo lapho engangimthathe ngamusa khona.

⁸¹ Niyazi, ngathi ukuzenzela intwanyana, niyazi, ngangingenayo imali eyanele ukuba ngithathe uhambo lokuyozingela neholidi lami labasanda kushada, ngakho nga—nga—ngathi ukuthatha umkami ohambweni lokuyozingela kube yiholidi lethu labasanda kushada. Ngakho sasiseNew York, futhi ngiyakhumbula ngimsiza eqa izingodo nezinto, ukuba sifike endaweni. Futhi ngathola indawana laphaya, ngihlala njalo ngicabanga ngaye nxa ngiya lapho emgubhweni wethu wesikhumbuzo sosuku lomshado. Ngo-Oktoba zingamashumi amabili-nantathu kungenkathi lapho inkathi yonyaka ivulwa lapho. Futhi, amashumi amabili eminyaka, angikaze ngibe sekhaya, njalo ngiphezulu lapho.

⁸² Ngakho lolosuku lwalungumgubho wethu wesikhumbuzo sosuku lomshado. Futhi uMfowethu Mann...Ngathi, “Manje uma nina bazalwane...” Ngathi, emlilweni, ngalokhokusa, “Manje uma...” Ngalobobusuku, njalo. “Uma nonke nifuna ukuhlala manje, khumbulani, singahle sibe phakathi lapha inyanga.” Kusobala ngibone amafidi angamashumi amabili okuwa kweqhwa kobuncane nje, ubusuku. Nje, unghamba uphumele laphaya, futhi usuwome wathi nkwe; futhi ngokusa okulandelayo, iqhwa lase lijule *kangaka*, ngaphezulu, mhlawumbe ngaphezu kwesiqongo sethende lakho. Ngakho khona-ke ngathi...Futhi khona-ke uhlala lapho kuze kuncibilike kuphele lokho. Ngakho usemuva ehlane ngamamayela athi awabe lishumi nanhlanu kuya emashumini amabili. Futhi ngakho ngakho-ke ngathi... Futhi uma kuthola ukuphuthuma, isizathu, bathumela balethe

izindizamshini ezinophephela emhlane futhi zikukhiphe. Kodwa, ngokweywayelekile, bavele...kungekho-muntu obhubhayo, bafanele nje balinde lapho.

⁸³ Ngakho wonke umuntu uyahlakazeka bathi bangezwa lokho kusakazwa nje, isibikezelo, njalo. Ngakho sasisemuva lapho, futhi ngathi, “Manje cabangisisani. Uma nifuna ukuhlala, ngilapha ukuba ngizingele kanye nani, futhi ngizoshayela umkami ngimtshela, ‘Umgubho omuhle wesiKhumbuzo sosuku lomshado!’” Kodwa ngathi, “Bese-ke, kulokho, ngizothi futhi, ngizo, sizo...Sizozithengela igilosa, ngoba singahle sifanele sihlale phakathi lapha.” Sasingenaso isinkwa ngalesikhathi. Futhi angisafune kubona amakhekhe amaflepejeke isikhathi eside, lawo mapanikuku! Ngakho, ngaleyonkathi, ngangikade ngiwadla eCanada, izinsuku ezithi azibe ngamashumi amabili nanye, futhi ngineqiniso ukuthi ngazitika ngalezozinto. Futhi ngakho-ke ngangifuna ukuthola isinkwa.

⁸⁴ Ngakho bavele bathi babefuna ukuhlala. Ngakho kwakungekho lutho olungenziwa...ukuhlala. Kodwa uMfowethu Mann nami saphuma, futhi sehlela lapho futhi ngayithenga igilosa. Ngase ngishayela unkosikazi, ncingo lwangaphendulwa. Akekho owaphendulayo; ngakho ngalinda cishe ihora size sithenge yonke igilosa, ngabuyela emuva, ngashaya, akaphendulanga. Ngase ngadingeka ngishaye uDadewethu Evans.

Ngikholwa ukuthi uDadewethu Evans ulapha. Futhi ngatshela... Ya, uMfowethu Evans noDadewethu Evans ulapha.

⁸⁵ Ngakho ngashayela uDadewethu Evans, ngimbizela uMfowethu Evans, ngamtshela. Wathi, “Ngizoshayela uDadewethu Branham futhi ngimtshela.” U “Mgubho omuhle wesiKhumbuzo sosuku lomshado,” nebala, niyazi. Ngakho, kodwa wayehambile ukuyothenga, ukuyothola igilosa yabantwana.

Sasesibuya-ke. Futhi ngokusa okulandelayo, ezibhakabhakeni kwakungamafu odwa. Lalingakaze line lapho ekwindla yonke, futhi kwakome ngempela. Futhi babekade bodingeke ukuba baqhubele phambili isikhathi sonyaka sokuzingela, izinsuku ezimbalwa ezengeziwe, ngenxa yokomisa.

⁸⁶ Awu, ngathi kubazalwane ngalokho kusa, “Manje, ithonsi lokuqala lemvula liqala ukuwa, iqhwa lokuqala, imvula eneqhwa yokuqala, noma yini, nithathele ngesivinini niphikelele enkanjini, ngoba phakathi nemizuzu elishumi nanhlanu ngeke usibone isandla sakho phambi kwakho. Niyabo? Futhi kuyosonteka kuphephethe, futhi angikhathali ukuthi ulazi kahle kanjani izwe, u—uzohlala khona lapho, futhi uzobhubha. Isizathu ngezinye izikhathi awukwazi ngisho ukuphefumula, imvula eneqhwa iphephetha kanjalo, futhi, ufela khona lapho.” Futhi ngathi, “Kothi nje lingaqala ngaleyomvula eneqhwa,

nithathele ngesivinini niphikelele enkanjini, angikhathali ukuthi nikuphi.”

⁸⁷ Awu, ngathi, “Yenyukelani lapha nihlale phakathi kulezizigodi ezisondelele, futhi mina ngizokhwela ngiye phezulu le bese ngiginqa amadwala ngale kwegquma, nokunye nokunye, ngethuse izinyamazane ezinezimpondo ezingamagatsha zisuke esiqongweni, bese ngizixoshela ezansi, nikhethe eniyifunayo.”

⁸⁸ Ngakho ngaqala ukukhwela phezulu, futhi ngesikhathi sengifinyelele phezulu lapho esikubiza ngokuthi, “isihlalo sehhashi,” indawana lapho engihlale ngiyinqamula ukuba ngiye endaweni ethiwa i “Quaker Knob,” khona impela eNhlukenweni yeZwekazi lapho, phezulu le. Futhi ngenkathi sekusele kancane ngifike kulesihlalo sehhashi esincane, lesi... amafu eya ngokuba-mnyama ngokuba-mnyama. Kwakungasasele-moto, kuyithina nje phezulu lapho, kude kangako... nekhawa enkanjini. Ngakho kwa—kwaya ngokuba-kubi ngokuba-kubi. Ngakho, emizuzwini embalwa, laqala ukuna. Awu, ngathatha isibhamu sami ngase ngisifaka ngaphansi kwebhantshi lami, ukuvikela isibuko esandisayo singabi nentuthu, no—nomphini ube manzi; noma ngigijimela ibhere kumbe okunye, ngibuya, ngakho nga—ngabamba isibuko sami esandisayo kanjalo ngase ngihlala phansi ngaphansi kwesihlahla, kancanyana. Futhi ngahlala lapho, futhi ngikhuleka. Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, UnguJehova omkhulu, futhi ngiyaKuthanda.”

⁸⁹ Zingaki izehlakalo engibenazo! Ngakhomba kubazalwane, uMfowethu Palmer kanye nabo, izindawo. Lapho, ukhozi, niyazi, ngalubona luphakama ngalolosuku, niyazi, nokuthi kanjani... Ukuthi izindawo lapho okwenzeke khona konke phakathi lapho. Kuyinto enobuphakuphaku kimi, phakathi lapho. Ngibe nezehlo ezinkulu eziningi kakhulu neNkosi yami, phezulu kulezozintaba. Ngakho ungeke nje waya lapho ufike ungaMboni; Usezindaweni zonke nje.

⁹⁰ Ngakho ngaleyonkathi ngisa—ngisahlezi lapho, lase liqala imvula eneqhwa, nomoya ushwiliza, kanjalo. Futhi ngathi, “Awu, ngiyayazi indlela eya ezansi, kodwa kungcono ngehle lapha njengamanje.” Ngakho ngathi... .

⁹¹ Futhi ngabuka phansi, futhi angibange ngisakwazi ngisho ukubona phansi ekugcineni; lawomafu eshwibeka nje futhi eshwiliza, nemvula eneqhwa iphephetha. Futhi sase silapho, isiphepho esikhulu seqhwa! Isibikezelo izinsuku eziningana, “Kuza esikhulu isiphepho esikhulu seqhwa!”

⁹² UMfowethu Tom ulapha. UMfowethu Tom Simpson, ehla evela eCanada, wasizwa isibikezelo, futhi welulekwa ukuba angahambi adabule kuleyongxenywe yezwe, ngoba lesisibikezelo sathi, “Lizoba nesiphepho esikhulu seqhwa.” Ukuphi, Mfowethu Tom na? Ngicabanga ukuthi, ya, khona

lapha. Futhi u...Isiphepho esikhulu seqhwa sasiza! Wonke umuntu wayesesilindele.

⁹³ Awu, ngabuyisela isibhamu sami ngaphansi kweyembe lami, kanje, iyembe lami elibomvu, ngaqala ukwehla entabeni. Futhi lapho ngiqala, ngase ngihambe cishe ingxenye yemayela ukusuka esihlalweni sehhashi; futhi, o, he, amathonsi amakhulu eqhwa, kanjalo, nomoya ushwiliza wenyuka, phezu kwaleyontaba, futhi uvunguza. Angibange ngisabona phansi ekugcineni. Ngangikwazi ukubona cishe amafidi angamashumi amabili phambi kwami, kumbe amashumi amathathu. Futhi ngangikwazi ukwehla ngiqonde ngqo agalolu oluncane, esilubiza ngokuthi, “umhlane omncane wengulube,” unqenqema oluncane, ngase-ke ngehlela emfudlaneni, ngase-ke ngikwazi ukulandela umfudlana, nokuthi ngiye ngaphi, uma kuba kubi ngempela.

⁹⁴ Futhi ngakho-ke ngaqala ukwehla, futhi ngehla cishe ingxenye ezansi lapho, futhi Into ethize yathi kimi, kwakucace njengoba nje ningizwa, “Yima, ubuyele emuva!”

⁹⁵ Awu, ngacabanga, “Bengicabanga ngani na? Mhlawumbe ingqondo yami nje.” Futhi ngavele angabe ngisakwazi ukuthatha esinyathelo esiya phambili.

⁹⁶ UDavid wayengenzele isamishi ngalokhokusa, futhi ngicabanga ukuthi wazama ngisho ukuba abe nami ukulungisa elikayise, kanye, lika anyanisi noju, yilokho kuphela esasinakho. Ngakho wangilungisela ibaloni futhi, o, angazi ukuthi konke kwakuyini, okwakusongelwe phakathi lapho! Futhi nganginalo liseyembeni lami, futhi lase lize laba manzi eyembeni lami. Ngacabanga, “Ngizovele ngime bese ngidla leli, futhi mhlawumbe ngizo...Kuzobe sekulungile-ke.” Ngakho ngalihosha isamishi, cishe ngeleshumi nqo, futhi ngaqala ukulidla isamishi. Futhi ngisalidla isamishi, ngacabanga, “Manje ngizoba kahle.”

Futhi ngaqala ukuqhubeka, kodwa Into ethize yathi, “Buyela emuva lapho uvela khona!”

⁹⁷ “Buyela emuva udabule kulesosiphepho, ingxenye yemayela kumbe ngaphezulu emuva phezulu entabeni, phakathi kuleyomithi yokwakha amapulangwe emnyama?” Lapho, kunzima nokuthi wawungabona ngaleyonkathi ngokuqhele njengaleya ogani! Kodwa sengiba yikhehla, futhi bengingumKristu manje iminyaka engamashumi amathathu-nantathu; futhi ngiyazi, akunandaba uk’thini, ukuthi kubukeka kuyinsini kangakanani, qaphela iNkosi, yenza lokho okushiwo yiNkosi.

⁹⁸ Futhi ngajika ngabuyela emuva esihlalweni sehhashi, ngiphumputha indlela yami ngibuyela emuva. O, imvula eneqhwa ina ngokuqina ngokuqina; kuya ngokuba-mnyama ngokuba-mnyama. Futhi ngihlala phansi lapho, futhi nje

ngabeka ibhantshi lami phezulu kanje, kumbe iyembe lami phezu kwesibuko esandisayo futhi; ngahlala phansi. Ngacabanga, “Ngenzani lapha na? Ngibuyeleni ngenyukela lapha na?”

⁹⁹ Futhi nje ngalinda imizuzu embalwa. Ngase ngiqala ukusukuma futhi, futhi nje ngokucace bha njengoba bengingahlale ngifuna ukuzwa, iPhimbo lathi, “NginguMdali wamaZulu nomhlaba! Ngenza imimoya nemvula.” Ngethula isigqoko sami.

¹⁰⁰ Ngathi, “Jehova omkhulu, nguWe lowo na?”

¹⁰¹ Wathi, “NganguYe Owenza imimoya inqamuke phezu kolwandle. NganguYe Owenza amaza abohle. Ngadala amazulu nomhlaba. NganguYe yini Owakutshela ukuba ukhulume kulabo, izingwejeje, futhi zabakhona na? NginguNkulunkulu.”

¹⁰² Manje, nxa iphimbo likhuluma nawe, qaphela umBhalo. Uma lingahambisani nomBhalo, liyekele phansi; angikhathali ukuthi licace kanjani, deda kulo.

¹⁰³ Ngathi, “Yebo, Nkosi.”

¹⁰⁴ Yathi, “Khuluma kuleyomimoya nalesosiphepho, futhi sizohamba.” Manje, leliBhayibheli lilele phambi kwami, okungukuthi impilo yami ikuLelo.

¹⁰⁵ Ngasukuma, ngathi, “Angilingabazi iPhimbo laKho, Nkosi.” Ngathi, “Mafu, liqhwa, mvula, mvula eneqhwa, angikuthandi ukuza kwenu. EGameni likaJesu Kristu, buyelani ezindaweni zenu! Ngithi ilanga aliphume masinyane futhi libalele izinsuku ezine, kuze kuphele uhambo lwethu lokuzingela bese ngisuka nabazalwane bami.”

¹⁰⁶ Kwakuphophoza nje, kwahamba nje kwathi, “Whuuusssh,” kanjalo. Futhi kwaqala ukuhamba, kuhamba, “Whuush,” kwase kuhamba, “whewu, whewu, whewu, *whwe*.” Kwama!

¹⁰⁷ Ngama ngathula du. Abazalwane bami phezulu lapho, futhi bemangala ukuthi kwakwenzekani. Futhi imvula eneqhwa, nemvula yanqamuka. Nakho kufika umoya uvunguza wehla ngezintaba, waphakamisa amafu, futhi elinye laya *ngapha*; empumalanga, enyakatho, entshonalanga, naseningizimu. Futhi, phakathi kwemizuzu embalwa, ilanga lalikhanya kamnandi futhi lifudumele. Yiqiniso lelo! UNkulunkulu uyazi ukuthi yiqiniso lelo!

¹⁰⁸ Ngavele ngama lapho, ngiqalaza nje; isigqoko sami ngingasithwele, ngibuka. Ngi...Uthi...ngaba ndikindiki, yonke indawo.

¹⁰⁹ Ngacabanga, “Yena impela uNkulunkulu weNdalo, konke kusezandleni zaKhe. Ungitshela ukuthini na?”

110 Ngase ngicosha isibhamu sami, ngesula isibuko esandisayo, ngaqala ukuhamba ngibuyela emuva, ngehla ngegquma. Futhi Into ethize yathi kimi, “Yini ungathi ukushaywa wumoya kanye naMi sidabule kulelihlane, uhambe naMi na?”

111 Ngathi, “Yebo, Nkosi, ngenhliziyo yami yonke; kungaba ngokunye kwezinto ezinkulu ukwedlula zonke ebengingazenza, bekungukuba ngihambe naWe.” Ngakho ngetshatha isibhamu sami ehloambe lami, ngase ngiqala ukuhamba ngehla ngidabula kulokho; kungekho-mbazo eseyake yabekwa kuwo, umuthi thi wokwakha amapulangwe, ngihamba ngidabula lapho.

112 Futhi ngenkathi ngenza, ngihamba ngokulinganisana, ezansi ngakulemikhondo yezinyamazane, ngezwa sengathi, “Ngikholwa ukuthi ngizokhuphukela endaweni lapho... izolo bekungumgubho wethu wesikhumbuzo sosuku lomshado, futhi ngizoma lapho imizuzu embalwa; ngithi nje ukuthakasela uMeda, lapho khona okuyisixhekana samahlamvu anamathele emagatsheni, phezu kwengqamuzana.” Ngase ngithi, “Ngikholwa ukuthi ngizokwenyukela lapho, njengokuthakasela umgubho wethu wesikhumbuzo sosuku lomshado. Ngizobe-ke sengibuyela emuva ngehlela ngakuleli elinye icala, kulemithi emnyama yokwakha amapulangwe, bese ngihambahamba, bese ngithi ukuhamba ngizungeza ngale, ngiqonde ngaseCorral Peaks, bese ngibuya ngehle ngaleyondlela.” Ngihambe nje ngijabula.

113 Ngangithi, “Baba, ngiyazi Uhamba nami. Futhi kuyinhlanhla enkulu; akukho-muntu omkhulu engingahamba naye; yena impela uNkukunkulu!” Nalokho kukhanya kwelanga okufudumele!

114 Kwathi ngisho sengiphuma ezintabeni. Ngama emagalaji kapetilolo, ngase ngithi, “Usuku oluhle!” Ezinsukwini ezintathu kamuva. Alizange line kuleyongxenywe yezwe zaze zedlula izinsuku ezine. Ilanga lalibalele nsuku zonke. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Niyabo? Futhi kungekho-fu esibhakabhakeni.

115 Futhi ngaphumela egalaji likapetilolo, ngathi, “Impela lusuku oluhle.”

“Yebo, yilo!”

Ngathi, “Belomise kabi kabi.”

116 Wathi, “Kuyinto eyisimanga!” Lomethi kapetilolo washo, wathi, “Uyazi, basitshela ukuthi kwakuzobakhona esikhulu isiphepho esikhulu seqhwa, kodwa khonamanjalo sanqamuka!”

117 Ngiza ngehla, ngomugqa waseNew Mexico. UBilly nami, indodana yami, sahamba sayongena endaweni encane lapho ukuthola okuthile... ngokusa esasuka ngakho, ngase ngithi, “Impela lusuku oluhle.”

“Yebo, yilo!”

Ngathi, “Kubukeka sengathi belomise impela.”

“Yebo, belinjalo!”

Ngathi, “Ungowalapha na?”

¹¹⁸ Wathi, “Qha, ngingowaseWisconsin,” kumbe ndawo thize. Wathi, “Sengihlale lapha iminyaka ethi ayibe ngamashumi amabili, ngakho ngiqagele ukuthi ungakubiza ngekhhaya.”

¹¹⁹ Ngathi, “Ungowokuzalwa-ke, ngiqagele.” Ngakho ngathi, “Yebo, mnumzane,” ngathi, “kubukeka sengathi bekunezintuli kabi kabi.”

¹²⁰ Wathi, “Uyazi, kwenzeke into eyisimanga ukwedlula zonke!” Wathi, “Saba nesibikezelo ukuthi sasizothola isiphepho esikhulu seqhwa, inqwaba yeqhwa; futhi eqinisweni saqala, sasesiyeka-ke!”

¹²¹ Ngathi, “Ungasho njalo bo,” futhi ngizolile kakhulu.

¹²² Ngase ngifika ekhaya. Futhi uMfowethu Tom wathi wayetshelwe ukuthi angahambi ngaleyondlela, isiphepho esikhulu seqhwa sasesedlule. Futhi weza wadabula ngqo ezweni, ngaphandle ngisho komfafazo wemvula kumbe noma yini! Usenguye uNkulunkulu, niyabo, njengoba nje Wayelokhu enjalo. Niyabo?

¹²³ Ngenyukela lapho, ngangihambisana . . . Manje, lengxenywe, ngethemba ukuthi umkami akayitholi leteyipu. Niyabo? Kodwa ngizonitshela into ethize. Futhi, manje, a—anginitsheli . . . Ngizovele nginitshela iQiniso, niyabo, futhi yileyondlela kuphela yokukwenza. Bengihlale ngimangala ukuthi kungani engakhonondi ngami ngihamba lezozindlela embubhweni wethu wesikhumbuzo sosuku lomshado. Niyazi ukuthi ngase nginqumeni emqondweni wami na? Ngathi, “Kukhona abantu abaningi kakhulu macala onke omuzi. Futhi-ke ngihlala njalo, niyazi ukuthi nginjani, nginokwethuka. Futhi konke engikukhulumayo, engifuna ukukhuluma ngakho, nguNkulunkulu, iBhayibheli, kumbe okuthize. Mhlawumbe ucabanga nje ukuthi kungukuphumula okuncane kuye. Uthi ukungiqhelisa izinsuku ezimbalwa, ukuba ngihambe ngiyozingela.” Mina, ngicabanga ingxenywe yalokho, ngihamba ngapho.

¹²⁴ Ukuthi, ngi . . . Mina, ngizoxolisa kuye, futhi ngi—ngicela uNkulunkulu ukuba angithethelele ngemicabango enjalo. Kusobala, ngangihamba ngapho, ngacabanga, “Awu, ucabanga . . . Awu, bakithi! Yena, uyisisebenzi, niyazi, futhi—futhi sonke isikhathi lapho engekho esekhishini kumbe ndawo thize phandle e . . .”

¹²⁵ Futhi nonke niyamazi, lowomshini wokuwasha usebenza ngaso sonke isikhathi. Futhi ngakho ngangiyaye ngiphume, ngimdonse; ngathi, “Ungawashi kanjalo. Khuluma nami. Niyabo, ngiyakuthanda. Ngifuna ungitshele okuthize; ngitshele ukuthi uyangithanda, nawe.”

126 Wathi, “Awu, uyazi ngiyakuthanda,” wase eqhubeka njalo ewasha ngamandla akhe onke njengoba ubehlala enza.

127 “Angifuni wenze lokho. Ngifuna ungene lapha bese uhlala phansi eduze kwami.”

128 “O, Bill, nginomsebenzi omningi kabi okufanele ngiwenze!”

129 Futhi ngacabanga, “Awu, uyabo, ukwenyukela lapha, uthola isikhathi sokwenza umsebenzi wakhe.” Ngihamba ngapho, ngicabanga lokho.

Manje, khumbulani, ngibeke leliBhayibheli phezulu lapha ukuze nibone ukuthi ngiphambi kweZwi.

Lapho ngisahamba ngalapho, kukhona okwenzeka kimi. Ngaqala . . .

130 Kuqala, ngangicabanga ngenkathi ngimthathe ngamusa phezulu lapho ngeholidе labasanda kushada. Wayengenhle, encane, enekhanda elimnyama, intombazane enamehlo ansundu, futhi ngangimphakamisa ngimeqisa kulezizingodo, niyazi, nakho konke, futhi ngizama ukumkhuphukisa lapho, lendawo lapho engangikade ngibulale ibhere elithile. Futhi ngangifuna ukumkhombisa elilodwa, futhi ngakho . . . lapho engathola khona lawa ibhere. Futhi wayegqoke amabhuzo ami amakhawa. Futhi lokho cishe kuseminyakeni engamashumi amabili-nambili, kumbe iminyaka engamashumi amabili-nanye ngaphambi kwalokho; iminyaka engamashumi amabili-nambili, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo, edlule. Sashada ngo 1941. Futhi ngangimqokula, niyazi, phezu kwalezizingodo.

131 Futhi ngacabanga, “Manje, umngane omncane bandla, engibekezelela, useze wampunga.” Ya. Ngacabanga, “Awu,” futhi ngahamba, “Mm!” futhi kwase kuphele izinsuku ezimbalwa ngagcina ukushefa, futhi ngathola ukuthi ngase ngimpunga, nami! Futhi ngayibona intshebe yami iphuma lapha, impunga, futhi ngacabanga, “Mfan’omdala, isizophela indaba yakho manje. Uyabo, wena, uzokwenza noma yini, kungcono usheshise. Usuyaguga, nawe.” Niyabo?

132 Futhi ngakho ngisahamba ngigudla kanjalo, kukhona okwenzekayo. Khonamanjalo, ngakho konke ukwenza, isimiso, ngangingumfana, ngacabanga njengomfana. Futhi ngangibhekise ikhanda lami phansi, futhi ngabheka phezulu. Futhi njengokucace bha njengoba ngangihlale ngimbona, nango emi phambi kwami evule izingalo zakhe. Futhi ngama; ngahlikihla ubuso bami. Ngabuka. Ngathi, “Meda, nguwe lowo, S’thandwa na?”

133 Ngabuka lapha, ngacabanga, “Manje kwenzekeni na?” Futhi ngacabanga, “Yebo, ngihamba naYe.” Futhi kwaguquka ngaleyonkathi, ngase ngibuye ngaba yindoda endala futhi, nombono wase usukile phambi kwami.

134 Futhi ngama; ngethula isigqoko sami futhi, ngasibeka phezu kwenhliziyo yami. Ngathi, “Jesu, inhliziyo yami ibinomthwalo kakhulu, iminyaka. Angidingi ukuKutshela ukuthi nginomthwalo. Ngiphendukile, ngiphendukile, ngenze konke engikwaziyo. Futhi kungani wona lomthwalo ubungasuki kimi na?”

135 Futhi ngavele ngaqala ukuqhubeka ngihamba. Futhi ngisagibela leligqunyana, nje cishe angamashumi amathathu, amayadi angamashumi amane phambi kwami; ngaqala ukwenyuka leligqunyana, ngiqala ukuzizwa ngiphelelwa amandla ngempela. Futhi kwakukhona amahlamvu anamathele emagatsheni, cishe amayintshi alishumi ukwedlula, senyuka senza njengo L, sase sikhuphuka futhi. Futhi nje kwathi sengifike lapho, ngazizwa ngiphelelwa amandla kakhulu ngangidiyazela. Ngakho ngavele...Ngabuye ngalifaka futhi ikepisi lami. Futhi ngavele ngeyamisa ikhanda lami kulokhu; ngazihlelisa kahle nje, ukweyamisa ikhanda lami khona lapha kulawomahlamvu anamathele emagatsheni amancane, kanje. Ngumphophula ngempela. Kufana, kubukeka njengebishi uhlobo lomuthi amaxolo awo okwenziwa ngawo izikebhe, niyabo. Futhi siyi...Ngangeyeme lapho. Futhi ngangimi lapho nje ikhanda lami libheke phansi, lelolanga elifudumele lingishisa emhlane. Futhi ngiyacabanga, “Yena impela uNkulunkulu, omukise leyomvula nalowomoya!”

136 Futhi ngezwa into ethize ithi, “co, co, khwifi.”

137 Ngacabanga, “Yini leyo na? Amanzi ahwamuke aphela. Ilanga libalele. Yini leyo ethi khwifi na?” Ngabuka phansi; kwakungamanzi aphuma emehlweni ami ngqo, ehla ngentshebe empunga futhi econsela emaqabungeni omile uNkulunkulu ayewomisile, elele phambi kwami. Ngavele ngama lapho *kanje*, nje ngeyeme esihlahleni. Isandla sami, *lesi* sandla sehlile, ikhanda lami leyeme esihlahleni, isandla sami sisebhandeni lokugaxa isibhamu esikhulu, *kanje*, ngimi lapho, ngikhala.

138 Ngathi, “Nkulunkulu, angifanele ukuba yinceku yaKho.” Futhi ngathi, “Ngi, ngiyaxolisa, nge—ngenze i...Ngenze amaphutha amaningi. Bengingaqondile ukwenza amaphutha, Nkosi. Ubumuhle kakhulu kimi.”

139 Amehlo ami evalekile; futhi ngezwa into ethize ihamba, “gi, gi; gi, gi.”

140 Ngaphakamisa amehlo ami, futhi kumi phambi kwami ngqo kuza izinyamazane ezintathu ezinezimpondo ezingamagatsha. Futhi ngacabanga, “Nansiya ekaMfowethu Evans, ekaMfowethu Wood. Futhi kukhona izinyamazane ezintathu ezinezimpondo ezingamagatsha, niyabo, khona impela engikufunayo.” Manje, imvula yoma; ngafinyelela ukuthola isibhamu sami esikhulu. Ngathi, “Ngeke ngikwenze lokho. Ngethembisa uNkulunkulu

ukuthi ngeke ngakwenza lokho.” Niyabo? “NgaMethembisa ngeke ngikwenze.”

141 Futhi into ethize yathi kimi, “Kodwa nanso nje!”

142 Futhi ngacabanga, “Yebo, Sa...Yilokho i—indoda eyakutshela uDavide, ngesinye isikhathi, ‘UNkulunkulu umkhululile, ngathi, ezandleni zakho!’” Niyazi, iNkosi uSawulu.

143 Futhi uJawabe wamtshela, wathi, “Mbulale! Nango elele!”

144 Wayesethi, “Akube kude noNkulunkulu ukuba ngithinte ogcotshiweyo waKhe.”

145 Nalezozinyamazane ezinezimpondo ezingamagatsha zama lapho zangibuka. Futhi ngacabanga, “Ngeke zabaleka. Ayikho indlela yazo ukuba zibaleke. Aziqhelile kimi ngamayadi angamashumi amathathu. Futhi nginalesisibhamu esikhulu, simi lapha, futhi kukhona izinyamazane ezintathu ezinezimpondo ezingamagatsha. Lutho, angikwazi ukukwenza. A—angikwazi nje ukukwenza.” Kwakuyinsikazi namazinyane amabili amakhulu. Ngakho a—a—angikwazanga nje ukuthatha isibhamu esikhulu. Ngathi, “Angeke.” A—angizange nginyakaze. Ngavele ngahlala lapho. Ngathi, “Angikwazi ukukwenza, ngoba ngethembisa uNkulunkulu ukuthi angiyukukwenza. Nakuba, lababazalwane, a—abazidingi lezozinyamazane ezinezimpondo ezingamagatsha. Niyabo? A—angikwazi ukwenza lokhu. Nje angikwazi ukukwenza.”

146 Naleyonyamazane yensikazi yeza, yahamba. Manje lalalani, kwakukade kukhona amadoda alikhulu ezidubula phezulu lapho, izinsuku ezine kumbe ezinhlanu. Ukwethusa? Uphawu lokuqala lokubomvu... Futhi ngangigqoke iyembe elibomvu, ikepisi elibomvu. Uphawu lokuqala, zisuke sezihambile; kodwa zazimi lapho, zonke zontathu, zingibuka ngqo.

147 Ngathi, “Mama, thatha izingane zakho uqhubeke uhambe uyongena phakathi ehlathini. Usezandleni zami. Ngi... Impilo yakho isezandleni zami, kodwa angizukukulimaza. Ngethembisa uNkulunkulu ukuthi angeke.” Niyabo? Futhi yahamba yasondela eduze. Yayingibuka. Zonke zahamba zasondela, zaze zasondela ngangokuba zazingadlela ezandleni zami, cishe impela. Zona, nomoya uziphephetha ngqo. Ngakho yaphenduka, yahamba yabuyela emuva kancanyana, zonke zontathu.

148 Futhi nansi ibuya futhi, yahamba yakhuphukela kimi ngqo. Angizange nginyakaze; ngavele ngama lapho. Ngathi, “Qhubeka uhambe uyongena phakathi ehlathini; ngiyalithanda, nami. Uphile! Niyabo, impilo yakho isezandleni zami, kodwa ngizokuyeka. Ubungeke ubaleke. Uyazi ubungeke.” Ngingazibulala zonke zontathu cishe ngomzuzwana owodwa nje, imizuzwana emithathu, noma kanjani, ngokudubula

masinyane kakhulu engingakudubula nje; futhi zazingeke zisuke, zimi ngakimi ngqo. Niyabo? Futhi ngathi, “Ngiyaniyeka. Qhubekani, niphile.” Futhi ngama lapho. Zahamba zaqhubeka, zahamba zaqhubeka zayongena ehlathini.

¹⁴⁹ Ngesula ubuso bami *kanjalo*, futhi ngaleyonkathi nje kwenzeka into ethize. IPhimbo lakhuluma lezwakala, licace bha, livela ngqo kulezozibhakabhaka eziluhlaza, kungekho ifu. Konke kwakukade kuphakathi nje cishe... isikhathi esincanyana nje. NePhimbo lakhuluma lezwakala, futhi lathi, “Usikhumbulile isethembiso sakho, awusikhumbulanga na?”

¹⁵⁰ Ngathi, “Yebo, Nkosi.”

¹⁵¹ Yathi, “Ngizosikhumbula nesaMi, futhi. ‘Angiyikukuyeka angiyikukushiya.’” Umthwalo wasuka enhliziyweni yami. Awukaze ubekhona kusukela lapho; sengathi ungephinde futhi.

¹⁵² Ngase-ke ngifika eTucson. Into engejwayelekile, angikaze ngibe nokwenzeka okuningi kangaka, selokhu ngehlile. Ngi—ngikholwa ukuthi kwakunguNkulunkulu ebambeke lelohora. Ngikholwa ukuthi isikhathi sesifikile manje, ngokuba kufanele kubekhona okwenzekayo.

¹⁵³ Ukuba nje besingahle semukele leliQiniso! Manje umzuzu nje. Uma nje besingaqonda kuphela ukuthi loMbhala usho ukuthini, “Lowo okini mkhulu kunalowo osezweni.” Ngeke sikuqonde Lokho, nokho sithi siyaKukholwa. Futhi siyazi ukuthi Liyiqiniso, kodwa ngempela asiLiqondi.

. . . lowo okini mkhulu kunalowo osezweni.

Yini ekini, le enkulu na? NguKristu, oGcotshiweyo! UNkulunkulu, owayekuKristu, ukini. “Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.”

¹⁵⁴ Khona-ke uma Ekini, akusesini eniphilayo, nguYe ophila kini. Niyabo? Akusikho ukucabanga kwenu, enizokucabanga ngaLokhu; kuyilokho Akusho ngaLokhu. Niyabo? Bese-ke, uma Ekini, Angeke ngokoqobo akuphika Akushilo. Wayengekwenze. Kodwa Uyokugcina lokho Akushilo, futhi Uzama ukuthola lowomuntu AngaZiqinisekisa ngaye.

¹⁵⁵ Manje, lokho akusho ukuthi Uzokwenza kuwo wonke umuntu. Ngesikhathi uMose ehola abantwana bakwa-Israyeli, kwakukhona oyedwa, lowo kwakunguMose. Bonke abanye bavele balandela uMlayezo. Niyabo? Abanye babo bazama ukusukuma ukuba bakulingise, noNkulunkulu wathi, “Zahlukanise,” futhi wavele wabagwinya lombolozini. Niyabo? Niyabo?

¹⁵⁶ Manje, kodwa, “Lowo okini mkhulu kunalowo osezweni,” uNkulunkulu ekini, njengoba Wayenjalo kuJesu Kristu. Ngoba, konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu; futhi konke uKristu ayeyikho, Wakuthululela eBandleni. Niyabo, lowo nguNkulunkulu ekini, “Lowo okini.”

¹⁵⁷ Akumangalisi imimoya namaza kwaMlalela, kwalalela amaZwi aKhe; kwalalela amaZwi aKhe, ngoba KwakuyiZwi likaNkulunkulu ngaYe. Wayengumuntu; kodwa WayeyiZwi, elenziwe inyama. Niyabo? Futhi ngenkathi Ekhuluma, kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngezindebe zomuntu. Niyabo? Akumangalisi imimoya namaza . . . Yena impela uMdali, owadala imimoya namaza, wayekuYe. Manje, cabanga ngakho! Cabanga ujule manje, ngaphambi kokuba ngifike kulesisikhashana sokuvale. Akumangalisi amademoni aphela amandla eZwini laKhe! KwakunguNkulunkulu ekuYe. KwakunguNkulunkulu kuKristu. Amademoni laphela amandla. Akumangalisi abafileyo, owayesebuyela othulini, wayengenakulala, lapho, ngeZwi laKhe! Ngokuba, WayeyiZwi.

Wathi kuLazaru, emva kokuba esefile futhi esenuka, izinsuku ezine; ubuso bakhe, ikhala, lase liwele phakathi, kulesosikhathi esiningi kangako. “Lazaru, vuka!” Futhi indoda, ifile, yavuka yama ngezinyawo zayo. Ngani na? KwakunguNkulunkulu. Lowo owayekuKristu wayenguNkulunkulu. Abafile babengenakuma eBukhloneni baKhe. KwakunguNkulunkulu kuKristu.

¹⁵⁸ Imimoya, manje, khumbulani, uNkulunkulu wadala imimoya; ngumoya. UNkulunkulu wadala amaza; kungamanzi. Kodwa ngenkathi udeveli engena kuwo, wawenza ukuba ugumbuqele, ukuba alethe imbubhiso. UNkulunkulu wadala umuntu, ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu, kodwa ngenkathi udeveli engena kubo, niyabo, kuba yinkathazo. Manje, lowo kwakungudeveli owangena emimoyeni eyathumela lesosiphepho. Wayengeke yini uMdali, owadala umoya, athi, “Buyela emuva lapho eNgakudala khona?”

Lowo akusuye yini uMdali ofanayo owayemi egqumeni laseColorado ngeline ilanga na? Niyabo?

Lowo akusuye yini Lowo owayekwazi ukuthatha iqatha lenhlanzi futhi alihlephule, bese kukhula kulo elinye iqatha na? Eqinisweni Wayengadinge kuba nalokho. Wayengahle ukuba wakukhuluma.

Lowo akusuye yini uMdali ofanayo owadala izingwejeje na? Ngakho-ke, Lowo owayekuKristu ukithi, niyabo, ngokuba Kwenza imisebenzi efanayo naYenzayo, into efanayo.

Abafileyo babengenakuma eBukhloneni baKhe, ngeZwi laKhe.

¹⁵⁹ Bukani, sinobufakazi obuhlanu obubhalwe phansi obuqinisekileyo, babantu ababe “file,” neNkosi inikeza umbono, futhi iya kubo futhi ibuye ibavuse. Nangu oyedwa ehlezi, khona lapha manje, owafela lapho ahlezi ngqo khona lapho. Futhi nangu uyaphila, kulobubusuku; wawiswa ukuhlaselwa yinhliziyu. Nanguya umkakhe, umhlengikazi. Sehla; yonke into yase ihambile, amehlo akhe eseshone phakathi, futhi

esehambile. Nangu, ephila. “Ngokuba mkhulu Lowo ophakathi *lapha*, okithi, kunalowo osezweni!” Niyabo?

¹⁶⁰ Mkhulu Lowo! NguNkulunkulu, uMdali! Imimoya namaza kwakufanele kuMlalele. Amademoni aphel’amandla. Yonke imvelo yaMlalele, ngoba wayenguMdali wemvelo. O, uma sicabanga lokho, ukunciphisa. Khona-ke siyaziqonda lezizinto, niyabo. Kuyini na? Akusuye umuntu. Umuntu angekwenze lokho; umuntu uyingxenywe yendalo. Niyabo? Kodwa yimimoya namaza okulalela uMdali. Niyabo?

Futhi kuthatha uMdali ukukwenza, “Ngokuba Lowo okini mkhulu kunalowo osezweni.” Lowo ongabangela isiyaluyalu, yilowo osezweni. Lowo okini, nguMdali, Owenza imimoya. Angakhuza udeveli aphume emimoyeni, futhi kubekhona ukuthula. Angakhuza udeveli aphume esiphephweni, futhi kungabikho-siphepho. UnguMdali. “Futhi mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Niyabo?

¹⁶¹ Udeveli ungowezwe. Izwe lingelakhe. Belihlale njalo lingelakhe. “Wawelani, O Lusifa, ndodana yokusa na?” Niyabo, lelizwe lingelakhe. Lapho kungenkathi yena, ekhahlelwa ekhishwa eZulwini, ubuyela kulo. Niyabo?

¹⁶² Nguye owathi kuKristu, “Lemibuso ngeyami, ngenza lokho engikuthandayo ngayo.” Ingeyakhe, futhi nguye lowo “osezweni.”

¹⁶³ UJohane wayesanda kubatshela abafundi, “Nizwile ngomphikukristu ozakuza, futhi usekhona esebenza kubantwana bokungalaleli. Kepha, bantwanyana, anisibo abalelizwe. NingabakaNkulunkulu. Futhi mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Lowo nguKristu ekini!

¹⁶⁴ Lowo o—owadala amazulu nomhlaba, wabonakaliswa eMntwini kaJesu Kristu; uNkulunkulu kuKristu, Ebuyisana nezwe.

Ake sithi uthi, “Leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu, nokho, Mfowethu Branham.” Kulungile, ake sibone ukuthi UngoPhakade yini, uNkulunkulu ongunaphakade.

¹⁶⁵ Mkhulu Lowo owayekuJoshuwa, kunelanga. Futhi uJoshuwa wayengumuntu, ezalwa esonweni, njengawe nami. Futhi mkhulu Lowo owayekuJoshuwa, naselangeneni elalihanjiswa ngumyalo kaNkulunkulu. UNkulunkulu wayala lelolanga ukuba likhanye futhi liziphenduphendukeye, futhi libuswa lilawulwa yimithetho kaNkulunkulu. Kodwa mkhulu Lowo owayekuJoshuwa, kunanjengoba yayinjalo imithetho kaNkulunkulu; ngoba uMdali, qobo lwaKhe, wayekuJoshuwa ngenkathi uJoshuwa ebheka phezulu elangeni wayesethi, “Wena yima lapho okhona. Futhi, nyanga, wena lenga lapho okhona, ngize ngiqede lempi.” Futhi ilanga nenyanqa kwamlalela, ngokuba Lowo

owayekuJoshuwa wayemkhulu kune—nelanga nenyanga. Lowo owayekuJoshuwa!

¹⁶⁶ Lowo owayekuMose, wayemkhulu kuneGibhithe. IGibhithe kwakuyimibutho yezempi enamandla yezwe, babenqobe izwe ngalesosikhathi. Kodwa mkhulu Lowo owayekuMose, kunanjengoba lalinjalo iGibhithe, ngoba uMose unqoba iGibhithe. Mkhulu Lowo owayekuMose, kunemvelo ngisho qobo lwayo. Sewake wacabanga ukuthi uNkulunkulu wathatha iZwi laKhe futhi uLinika uMose, wayesethi, “Hamba uphumele lapho bese uyala ukuthi ilanga alingakhanyi”? Nelanga laba-mnyama bhuqe! Ngabe kunjalo na? Angenza ilanga ukuba likhanye namafu ukuba abuyele emuva, kumbe Angenza ilanga ukuba libe-mnyama. UnguNkulunkulu; Angenza noma yini Ayifisayo, futhi Usemntwaneni okholwayo! Amen. Yilokho-ke.

¹⁶⁷ Kwakungekho-zeze elalibonakala. Kungahle ukuba kwakuyisikhathi sasebusika, akukho-zibawu, kodwa uNkulunkulu wathi kuMose, “Hamba ukhulume amaZwi aMi, futhi Ngizokufaka emqondweni wakho ukuthi uzothini. Futhi uphumele lapho bese ucaphuna uthuli lomhlabathi, bese uluphonsa phezulu emoyeni, uthuli.”

¹⁶⁸ Wayesethi, “Makubekhona amazeze!” Namazeze cishe ayehamba phansi cishe ejule ngamayintshi amaningana, ekuyo yonke indawo emhlabathini, emahoreni ambalwa. Ngabe kunjalo na? UMdali!

¹⁶⁹ Kwakungekho-maxoxo, ngakho welula induku yakhe wayesethi, “Makubekhona amaxoxo!” Futhi ayekhona yonke indawo, enqwabelene, laze lanuka lonke izwe. Ngabe kunjalo na?

¹⁷⁰ Lapho esefika oLwandle oluBomvu futhi lwalusendleleni yakhe, uNkulunkulu wathi, “Khuluma kulo ulwandle.” NoMose wakhuluma kulo ulwandle; futhi mkhulu Lowo owayekuMose, kunoma lwalunjalo ulwandle qobo lwalo. Ngabe kunjalo na? O, he! Manje, niyabo, mkhulu Lowo owayekuMose, kunalowo osezweni. Mkhulu Lowo owayekuMose, kunanoma iyiphi imvelo ekhona ezweni. Wayala imvelo. Kunanoma yikuphi uNkulunkulu ayemtshele ukuba akusho, wakusho, futhi yileyondlela okwaba ngayo.

¹⁷¹ LowoNkulunkulu ofanayo unathi kulobubusuku! Akanathi kuphela, kodwa ukithi! Usefakazile ukuthi Wayekithi. “Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Sesabani, izwe na?

¹⁷² Lapha ngelinye ilanga bathola o—olunye uhlobo lwezinyo lwedanasoli, phezulu lapha ngokuzungezwa kwe... Ngigagele nonke nezwa ngalo; phezulu lapha eNiagara Falls. Bathi, “Lalisinda amaphawondi ayisithupha.” Ngangicabanga ukuthi babezothi liphuma kumuntu, kodwa ngi—ngicabanga ukuthi ekugcineni balichaza njengohlobo olunye lwesilwane

sangaphambi komlando. Lezozilwane mhlawumbe zake zaphila emhlabeni. Ziphi manje na?

Niyazi, uNkulunkulu uSomandla ubengayala amadanasoli ukuba eze phezu kwalomhlaba, ehoreni elilandelayo abengabe esengamamayela angamashumi amane ukujula na? Niyazi, uNkulunkulu ubengalibhubhisa lelizwe ngamazeze na? Ubengabiza amazeze. Ashonaphi lapho efa na? Kwenzekani empukaneni yasendlini na? Kwenzekani entetheni na? Kufika isikhathi sasebusika, futhi izinga lehle ngamashumi amane ngaphansi kwezinga-qhwa; futhi, ziphume ngentwasahlobo elandelayo, izintethe zigcwele yonke indawo. Ziqhamukephi na? UnguMdali okhuluma izinto zibekhona! UnguNkulunkulu! Imvelo ilalela iZwi laKhe.

¹⁷³ Lapho iningi labazalwane bethu lithola khona ukujabula ngokweqile, bahlabeka umxhwele ukuthi uNkulunkulu uthi yenza into ethize, bese bethi ngu ISHO KANJE INKOSI lapho kungesuye. Yingalesosizathu kungenzeki.

Kodwa nxa kunguNkulunkulu ngempela ekutshela, kuzofanele kwenzekke, kuzofanele kube ngaleyondlela. Niyabo? Nxa uNkulunkulu ekukhuluma, kufanele kube yikho.

¹⁷⁴ Mkhulu Lowo owayekuMose, kunalowo owayeseGibhithe. Mkhulu Lowo owayekuMose, kunoma yini uFaro ayengayenza, konke okwemilingo yakhe. Wayemkhulu Lowo owayekuMose, kunalowo owayekubalumbi. Niyabo? Wayemkhulu Lowo owayekuMose, kunayo yonke imvelo.

¹⁷⁵ Mkhulu! Lowo owayekuDaniyele wayemkhulu kunezingonyama. Wayekwazi ukumisa lezozingonyama ezilambile. Ngakho noma yini engamisa noma yini, inkulu kunaleyo ayimisayo. Ngakho izingonyama zaphuma zagijima, zilambile, ukuba zidle uDaniyele; futhi wayemkhulu Lowo owayekuDaniyele, kunalowo owayesengonyameni.

¹⁷⁶ Manje, ngenkathi ingonyama iqala ukudalwa, yayingumngane womuntu. Ngudeveli oyenza yenze lokho. Kunjalo. Esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, impisi iyakudla ndawonye newundlu, futhi ingonyama iyakudla utshani njengenkabi, futhi iyakulala phansi kanye nenkabi. Aziyikulimaza kumbe zibhubhise esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Udeveli uyobe esehambile. Ngudeveli owenza izilo zasendle zidabule futhi zinwephule futhi zidle, nezinto ezifana nalokho, ngendlela ezenza ngayo. NguSathane owenza lokho. Kodwa wayemkhulu Lowo owayekuDaniyele, kunalowo owayesengonyameni. Niyabo? Wayemkhulu Lowo owayekulowomprofethi, kunalowo owayesengonyameni.

¹⁷⁷ Wayemkhulu Lowo owakubantwana bamaHeberu, wayemkhulu Lowo owayekubo, kunalowo owayesemlilweni. Ngokuba baphonswa emlilweni; futhi Lowo owayekubo, wayenabo, futhi wavimbela umlilo ekubashiseni ngenkathi

isithando somlilo sasishiswe kasikhombisa ukushisa ngaphezu kwalokho okwake kwashisiswa, shiswa. Kunjalo? Wayemkhulu Lowo owayenabantwana bamaHeberu, kunalowo owayesezweni.

¹⁷⁸ Nakho kuhlezi uNebukadinesari, kumbe uBeliteshesari. UNebukadinesari, ngikholwa ukuthi kwakunguye, owayenesithando somlilo esasishiswe kasikhombisa ukushisa ngaphezu kwalokho okwake kwabayikho. Ephefumulelwe ngudeveli, ukuthatha lababantu, ngoba babemele iZwi likaNkulunkulu; base bebaphonsa kulesisithando somlilo, sishisa kasikhombisa kunoma sake sakwenza, futhi asikwazanga ngisho ukubashisa. Ngokuba mkhulu Lowo owayenoShadiraki, uMeshaki, no-Abedinego, kunalowo osezweni. Ngokoqobo! O, he!

¹⁷⁹ Mkhulu Lowo owayeku-Eliya, kunokuba izibhakabhaka ezisathusi sasinjalo, ngoba wakwazi ukuletha imvula esibhakabhakeni ezisathusi elase lithathe iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha lagcina ukuna.

Mkhulu Lowo owayeku-Eliya, kunokufa. Ngokuba, nxa sekufika isikhathi sokuba afe, uNkulunkulu wayembonile lowo omdala, umprofethi okhathele. Wayekade esola uJezibele nawo wonke upende wakhe nezinto zesimanje, futhi wayesethe ukukhathala, ngakho Akazange ngisho amdedele ahambe aye ekhaya, njengoba Enza ku-Enoke. Wathumela inqola wayesemcoshu, futhi wamenyusela eKhaya. Mkhulu Lowo owayeku-Eliya, kunalowo owayeseJerusalema naseJudiya, nasezintabeni. Wayemkhulu Lowo oku-Eliya, kunokufa qobo lwakho. Mkhulu Lowo owayeku-Eliya, kunethuna; ngoba waphunyuka ethuneni, waphunyuka ekufeni, futhi wavele wenyukela eKhaya ngenqola. Niyabo, Lowo wayemkhulu, futhi Wayeku-Eliya.

¹⁸⁰ Wena uthi, “O, awu, lowo kwakungumuntu omkhulu.”

¹⁸¹ Awume kancane! IBhayibheli lathi, “Wayengumuntu onjengathi ngokudabuka,” njengawe nami. Kunjalo. Kodwa lapho ekhuleka, wakholwa ukuthi wakuthola ayekukhulekele; uJesu akusho kithi, “Nxa nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwamukela enikucelayo, kuyokwenziwa.” Wakhulekisa ukuthi lingani, futhi alinanga iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha. Niyabo? Mkhulu Lowo owayeku-Eliya, kunemvelo.

¹⁸² Bese-ke kuthiwani ngokuphulukisa abagulayo na? Niyabo? Mkhulu Lowo okini, kunokugula. Niyabo? Ngoba, lokho kuyisiphazamiso, kuphazamisa yona impela imithetho kaNkulunkulu, ukugula kuyiso. Awu, o “mkhulu” yiLowo okini, lowo nguMphulukisi noMdali, kuno—kunodeveli ophazamise lona impela uhlelo lokuphila kwakho. “Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Niyabo?

Wayemkhulu Lowo owayeku-Eliya! Wayemkhulu Lowo owayeku-Isaya, kunangangesikhathi; kumbe nayimuphi walabo baprofethi, ngoba bebone bedlula isikhathi. Niyabo?

¹⁸³ Mkhulu Lowo owayekuJobe, kunanoma ngisho nezimpethu zesikhumba, nokufa nethuna. Ngoba, ngombono wabona ukufika kweNkosi, wayesethi, “UMhlengi wami ukhona, nokuthi osukwini lokugcina Uyakuma emhlabeni; nalapho izibungu zesikhumba sami zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu.” Niyabo? Mkhulu Lowo owayekuJobe, kunokufa; mkhulu, ngoba ukufa kwazama ukumthatha futhi akakwazanga ukukwenza. Akukwazanga ukukwenza, ngoba wathi, “Ngiyovuka futhi,” futhi wakwenza. Wakwenza.

¹⁸⁴ Lalelani, ngifisa sengathi nga besinesikhathi ukuba siqhubekele phambili kulokhu. Kodwa ngizothanda ukunibuza umbuzo, engezwa ukuphawula ngelinye ilanga, ngokuthi, “uKristu kini.”

Manje, unga—ungakudedeli kuphumule phezu kwento ethize oyenzileyo; uthi, “Ngizwe ukuthuthumela okuncane. Nga—nga—ngakhuluma ngezilimi. Nga—ngasina emoyeni.” Akukho okuphambene nalokho, manje. Kulungile lokho, niyabo, kungukuthi, kodwa ungapumuli kulokho. Niyabo?

Ukuphila kwakho kufanele kube yi*Lokhu*. *Lokhu* Yikho. Wena na*Lokhu* kufanele nibe munye, niyabo, bese-ke *Lokhu* kuyaZibonakalisa. Niyabo?

¹⁸⁵ Manje uma-ke—uma-ke kulobubusuku ubungathi, ngenhliziyo yakho yonke, ukuthi umoya kaShakespeare ubuphila kuwe, ukuthi uShakespeare ubephila kuwe na? Uyazi ukuthi ubuyokwenzani na? Ubuyokwenza imisebenzi kaShakespeare. Ubuyoyenza. Ubuyoyenza. Ubuyodala izinkondlo ne—nemidlalo, nokunjalo, ngoba uShakespeare wayeyilolohlobo lwengcweti, umbhali omkhulu, umbhali wezinkondlo. Manje, ukuba uShakespeare ubephila kuwe, imisebenzi kaShakespeare ubuyoyenza. Ngabe kunjalo na?

¹⁸⁶ Ukuba-ke uBeethoven ubephila kuwe na? Ukuba-ke uBeethoven ubephila kuwe na? Uyazi ukuthi ubuyokwenzani na? Ubuyobhala amaculo njengoBeeethoven, umqambi odumileyo. Ubuyobhala amaculo njengoBeethoven, ngoba uBeethoven ubeyoba ngukuphila kwakho. Ubuyoba nguBeethoven, ophinde wazalwa, futhi. Ukuba uBeethoven ubephila kuwe, imisebenzi kaBeethoven ubuyoyenza, ngoba uBeethoven ubephila kuwe. Ngabe kunjalo na?

¹⁸⁷ Kodwa Lowo okini nguKristu! Futhi uma uKristu ekini, imisebenzi kaKristu niyoyenza, uma uKristu ephila kini. Washo njalo. UJohane oNgewele 14:12, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza,” uma wawukuKristu, noma uma uKristu wayephila kuwe. Khona-ke, uKristu uyiZwi.

Ngabe kunjalo na? NeZwi lifika kubaprofethi baKhe. Niyabo? Futhi uma, wena, uKristu waphila kuwe, imisebenzi kaKristu ibiyokwenziwa ngawe, ukuPhila kukaKristu bekuyophila ngawe. Imisebenzi Ayenza, ukuPhila Akuphila, nakho konke, bekuyophila kuwe; njengoba nje ukuba uShakespeare, uBeethoven, noma—noma kwakungubani owayephila kuwe.

¹⁸⁸ Uma ukuPhila kwaKhe! Kodwa uma usalokhu uziphilela ukuphila kwakho, khona-ke uyokwenza imisebenzi okungeyakho. Uyabo? Kodwa uma uphila ukuPhila kukaKristu, uma uKristu ekuwe, “Lowo okini mkhulu kunalowo osezweni.” Uma ukungabaza kwenu nezingxaki ngesethembiso sikaNkulunkulu kukini, khona-ke uKristu akekho lapho; niyabo, kuphela uxovekile. Kodwa uma ukuPhila, uma uKristu ephila kuwe, iZwi laKhe Uyolazisa nesethembiso saKhe Uyosenza. Niyabo? Uyokwenza.

¹⁸⁹ “Nxa ukhuleka, ukholwa ukuthi uyakwamukela okucelayo, futhi uyakuphiwa khona. Uma nithi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwa ukuthi enikushoyo kuzokwenzeka, ningaba nakho enikushoyo. UBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube-manje. Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo; kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza.” Niyabo? Futhi ngenkathi uYise eYikhombisa ukuthi yenzeni; yahamba yaphumela lapho ngaphandle kokwehluleka kwanoma yini, yase ithi, “Makube-njalo,” Futhi kwabanjalo.

NalowoKristu ofanayo uphila kini. Kuphila kithi. Khona-ke imisebenzi yaKhe siyakuyenza, ngoba uKristu uyiZwi, nesethembiso seZwi siletha ukuphulukiswa kini. Niyakukholwa lokho na? Impela!

¹⁹⁰ Wathi, “Angiyikunishiya niyizintandane.” Njengoba ngikhuleka, ngacela esikhashaneni esedlule, lapho kuMathewu 24, niyabo, kumbe uMathewu 28:20. Niyabo? Wathi, “Ngiyakwazi kini, ngibe kini. Ngi,” uMuntu, uKristu, esimweni sikaMoya oNgcwele, “ngize ngiphile kini. Khona-ke awu—awusayikuba nguweni. Ngiyakuba kini. Futhi mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Niyabo? AmaHeberu 13:8 athi, “Unguye, izolo naphakade.”

¹⁹¹ Lowo owayekuNowa wayemkhulu kunezehlulelo zamanzi.

NaLowo okini mkhulu kunezehlulelo zomlilo. Niyabo? Lowo okini mkhulu, ngoba Wahlawula ukwahlulelwa futhi wakunqobela ukwaHlulelwa. Niyabo? Akukho kwesaba ngakho. Niyabo, wena uphakathi lapho. Yebo.

Mkhulu Lowo owayekuNowa, kunalowo owayesezahlulelweni zamanzi, abhubhisa izwe elingakholwanga. Ngoba, uNowa wakholwa. Futhi mkhulu Lowo owayekuye, owaMkholwa owakhuluma naye, kunalowo owayesezweni. Ukuthi, uNowa waphunyuka ekwahlulelweni

konke, ngenxa yeZwi likaNkulunkulu lalikhulu kunalokho, futhi waphakama ngaphezu kwezahlulelo.

“Mkhulu!” Besingabambelela kanjani kulokho isikhashana! Niyabo?

¹⁹² Mkhulu Lowo owayekuDavide, kunebhere elantshontsha imvu yakhe. Mkhulu Lowo owayekuDavide, kunengonyama engenayo yase ithatha enye yamawundlu akhe. Mkhulu Lowo owayekuDavide, kunesitha, uGoliyathi. UmFilisti omkhulu owama lapho, lapha eshumini nambili, amafidi alishumi nane ubude, eneminwe engamayintshi alishumi nane; enomkhonto onjengenalithi yomaluki; futhi umbozwe yonke indawo ngamabili kumbe amayintshi amathathu ugqinsi, lwensimbi kumbe okuyinsimbi, ithusi. Kodwa okwakukuDavide kwakukukhulu kunalokho okwakukuye.

Wayengamandla, izinkonyane. Wayeyiqhawe. Wayengakwenza, wathi nje wayengavele amcoshe uDavide ngesihloko somkhonto wakhe amlengisele phezulu, amdedele adliwe yizinyoni.

¹⁹³ Futhi uDavide wathi, “Uza kimi njengomFilisti, egameni lomFilisti. Ungithuka ngegama likankulunkulu wamaFilisti.” Wayesethi, “Uqhoshile ngalokho ozokwenza. Futhi uza kimi nesikhali nomkhonto. Kodwa mina ngiza kuwe ngeGama leNkosi uNkulunkulu, futhi namuhla ngizosusa ikhanda lakho emahlombe akho.” Futhi wakwenza, ngoba wayemkhulu Lowo owayephefumulela uDavide ukuba abe nalesosibindi.

¹⁹⁴ Mkhulu Lowo okini, kunalesosihlalo esinamasondo. Mkhulu Lowo okini, kunalolohlaka. Mkhulu Lowo okini, kunalowomdlavuzi. Mkhulu Lowo okini, kunaleyonhlupheko. Mkhulu Lowo, kunanoma yini ekhona udeveli abengayibeka phezu kwakho. “Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Mkhulu Lowo! Yebo!

Wayemkhulu uDavide, lokho okwakukuDavide; uNkulunkulu kuDavide.

¹⁹⁵ Ukithi, lokho ngukuthi, uKristu. Wayengumnqobi wasosonke isitha, enqobela thina. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wanqoba isono, Wanqoba ukugula, Wanqoba ukufa, Wanqoba isihogo, Wanqoba ithuna, futhi manje Uphila kithi njengoMnqobi! Wanqoba ukugula, isihogo, ukufa, ithuna, futhi ufika kithi ukusikhulula kuzo zonke lezozinto. Futhi mkhulu Lowo okini, kunalowo ongabeka lokhu kusabisa phezu kwenu. Yebo! “Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.”

¹⁹⁶ Zenzeka kanjalo-ke lezizimangaliso. Wanqamuka kanjalo-ke lowomoya, ngelinye ilanga. Isidalwa esingumuntu sasingakwenza lokho na? Qhabo, mnumzane, akunakwenzeka. Ngenkathi ngima lapho, ngikhala, naleyomimoya idabula, futhi...

Bangaki kophakathi lapha, owayephezulu lapho na? Asikubone uphakamisa izandla zakho. Phakamisa izandla zakho, wonke umuntu owayephezulu lapho, lokho phezulu eColorado ngaleyonkathi nga—ngalesosikhathi. Kulungile. UMfowethu Fred, ngiqagele, nguye yedwa owayekhona, ngaleyonkathi. Bengicabanga ukuthi mhlawumbe uMfowethu Mann ubelapha, kodwa u...UMfowethu, uMfowethu Evans, bekungesuye na? UMfowethu Evans wayephezulu lapho ngalesosikhathi. Ya. Kulungile. Futhi, ya.

¹⁹⁷ Qaphela. Akusilo iqiniso lelo na? Akusiyo indlela okwenzeka ngayo lokho na? Uzimvula zavele zanamuka, nemimoya yanqamuka ukuvunguza. Kwakuyini na? Ngezwi lami na? Qhabo! Ngoba Wangitshela ukuba ngikwenze. Futhi mkhulu Lowo okithi, kunoma yiyiphi imvelo. Akusuye yini lowo uNkulunkulu ofanayo owakwazi ukuthulisa amaza phezu kolwandle, obengenza imimoya ibuyele endaweni yayo na? Akasuye yini yena Lowo owakwazi ukwenza-mnyama ilanga, wayengakwazi ukwenza ilanga likhanye na? Awu, “Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Niyabo? Kulungile.

¹⁹⁸ Manje yingakho lezizimangaliso zeqiniso zingenziwa, ngoba yisethembiso sikaNkulunkulu, “Izinto eNgizenzayo, nani niyozenza.” UJohane oNgcwele 14:12. Yena, uKristu, owathulisa imimoya namaza, unguMdali wawo. Uselokhu enguye impela uMdali njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Unguye izolo, namuhla, naphakade.

Waphulukisa abagulayo wabhubhisa isono, wakuguqula konke enzela wena, futhi uza kuwe ukuba Ahlale nawe. Wanqoba konke lokhu, ukuba eze aphile kithi. UyilowoMnqobi osevele uzinqobile lezizinto; wakufakazisa emiBhalweni, wabuya futhi wanqoba yonke into, futhi wafakazisa kini ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo. Futhi emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, lapha Usenza into efanayo phakathi kwethu Ayenza ngalesosikhathi, eyanqoba ukufa, isihogo, ukugula, nethuna!

¹⁹⁹ LoKristu, lo “Lowo,” UyiLowo okini. UnguKristu. NjengoJohane wathi, “Lowo okini mkhulu kunalowo osezweni.” Lowo kwakunguKristu! Mkhulu kunalo lonke izwe ngoba Wanqoba izwe, futhi ngomkhulu, kunazo zonke lezizinto, ngoba Walinqobela thina. “Futhi singaphezu kwabanqobi ngaYe owasithanda waZinikela ngenxa yethu,” ukuze Abuye enze imisebenzi yaKhe ngathi, ukufakazisa kithi ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

Ngenkathi Esesemhlabeni, Wafakazisa ngenkathi Ema phakathi kwabantu, WayenguMesiya. Wayekwazi ukwahlulela imicabango osezinhliziyweni zabo. NeBhayibheli lathi, uMose washo, ukuthi, “Wayezoba ngumprofethi.” Ngabe kunjalo na? Wayezazi izimfihlo zenhliziyoy. Wayebazi abantu ukuthi

babengobani. Uyazi ukuthi yini eyayingahambi kahle kubo. Sikubonile lokho kwenziwa na? Isikhathi ngesikhathi!

²⁰⁰ Siyazi ukuthi abafileyo bavusiwe, bephuma ekufeni impela. Abanye babo efe usuku nengxenywe. Awu, wafa ngokunye ukusa, futhi bakubuyisa ngalobobusuku, futhi bahamba ubusuku bonke; futhi ngakusasa cishe emini, kumbe sekuthe nje ukuba ntambama, kungena lapho okwakukhona khona ithende. Inganyana encane efile, isibanda, futhi ilele ezingalweni zikanina. NeNkosi uNkulunkulu yaletha, yakhuluma iZwi lokuPhila, naleyongane yafudumala yase iqala ukukhala; ibuyiselwe ezingalweni zikanina.

²⁰¹ UNkk. Stadklev, emi lapho ukubona lokho kwenziwa, yingalesosizathu akhalela kanjalo ingane yakhe, engifuna ukuba ngindize ngiye eJalimane. Kodwa iNkosi yathi, “Leso yisandla saMi; ungakukhuzi lokho.” Niyabo, wazi kangcono.

Ngenkathi Etshela uMose, wathi, “Khuluma kulo idwala,” ungalishayi. Lokho kwakuchaza ukuthi “khuluma,” ungashayi, niyabo. Ufanele ulalele Athi kwenze. “Kodwa akukho-muntu ongazenzela utho ngokwakhe,” ufanele akuzwe kuqala kuNkulunkulu.

²⁰² Manje iZwi likaNkulunkulu lethembisa ukuthi Uyaphila. Futhi, ngoba Ephila, wena uyaphila. Wethembisa, ukuthi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyoyenza. Izinto ezifanayo, kuphela eziningi zakho, niyozenza, ngokuba Ngiya kuBaba.” Wanqoba zonke izinto. Nguye Owamisa . . .

Nguye Owenza lezozingwejeje. Lokho kwenzeka kabili. Kwenzeka kanye endaweni yakho, Charlie. Futhi kwenzeka—kwenzeka phezulu lapha ngenkathi, abazalwane, oMfowethu Fred noMfowethu Banks kanye nabo bephezulu lapho nathi.

²⁰³ Kwenzeka eJalimane, ngenkathi lezozinyanga bathathakathi ezilishumi nanhlanu, zingiphahlile, zathi . . . Ngoba uBilly noMfowethu Arganbright abazi—zivumelanga zingibone, zathi, “Awu, sizolenza liphephuke lelothende.” Futhi zahlala phansi lapho, nemilingo yazo, futhi zabiza unkulunkulu wazo, udeveli, futhi nangu eza nesiphepho. Cishe izinkulungwane ezingamashumi amathathu, amaJalimane ayizinkulungwane ezingamashumi amane phandle lapho, nalelothende libhakuza phansi-na-phezulu *kanje*.

Zona, zase zisika, zithatha isikelo zasika uphappe, futhi zalukhomba emuva *kanjalo*. Futhi zisho okwazo, zidlula kuyoyonke imilingo yazo, futhi zisho amagama amathathu angcwele zithi, “UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; lu-lu-lu-lu-lu-lu! UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; lu-lu-lu!”

²⁰⁴ Ziqhubeka kanjalo, futhi eqinisweni isiphepho saqubuka. Impela. “Uyinkosi yamandla omkhathi,” uSathane. Futhi zabiza isiphepho. Futhi, manje, ngisho nalelothende elikhulukazi

lendlaleke kanjalo, o he, lalingamboza cishe indlu yedolobha; futhi lakhiwe laya phezulu, lakhiwe ngamathu-bhayi-fo, futhi nje kunguseyili oqhaselwe phezu kwalo. Umoya wangena ngaphansi kwalapho futhi wavele waliphakamisa, *kanjalo*. Nalowomoya, nombani udweba kanjalo, ngavele ngaqhubeka ngashumayela.

²⁰⁵ Futhi, o, zazingena nje emlingweni omkhulu, ziqhubeka ziqhubeka kanjalo, zisho lawomaganyana angcwele zathi, “Amagama amathathu angcwele aphakeme: UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” macal’omabili kanjalo. Ngase ngimbona ekhothama, futhi engungwe odelveli lapho, kodwa engaboshiwe.

²⁰⁶ Futhi ngathi kuMfowethu Lowster, “Ungakuhumushi lokhu.”

²⁰⁷ Ngathi, “Mfowethu Arganbright, khuleka nje.”

²⁰⁸ Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Ungithumele lapha. Ngibeke unyawo lwami kulomhlabathi waseJalimane, eGameni likaJesu Kristu, ngoba Ungithumele lapha. Nalelofu alinamandla phezu kwami. Alinawo, ngoba ngigcotshiwe futhi ngathunywa lapha ngenxa yensindiso yalababantu.”

“Ngiyakuyala, eGameni likaJesu, ukuba usuke lapha.”

²⁰⁹ Nemidumo, ihamba, “Bha! Bha! Bha!” Lathi, “Grrrrrrrrrr,” lasongeka lahamba, futhi khona ngqo phezu kwethende, laphephetheka labuyela emuva; nelanga lakhanya bha.

²¹⁰ Phakathi nemizuzu elishumi, kwase kukhona cishe izinkulungwane ezilizumi zizungeze ama-altare nezinto, bekhalela umusa, ukubona amandla kaNkulunkulu. Ngani na? “Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Niyabo?

²¹¹ “Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Abone izinhlopheko entweni, o, mfowethu, dadewethu, asinakho nokukodwa ukukhathazeka nhlobo. Ubukhulu nguNkulunkulu, futhi Ukini. Niyakukholwa lokho na?

²¹² Manje sengihambe ngedlula isikhathi le. Sekuyimizuzu elishumi nanhlanu, cishe, emva kwelesishiyagalolunye. Futhi ngiyazi lababantu basazoshayela indlela ende.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

²¹³ O Baba Nkulunkulu, Wena uyazi ngeColorado. Uyazi lezozinto ziliqiniso. Futhi ngikusho ngenxa yenkazimulo yaKho, ukuze lababantu bazi. Emva kwakho konke ukufakazisa kwesayense, kwezithombe, nangokwemisebenzi kaMoya oNgcwele. Futhi, Nkosi, Wena uyazi ukuthi U . . . ukuthi ngibeke ngokucacile kubantu, futhi ngihlala ngikwenza, ukuthi kungoba Wakwethembisa. Futhi Wena ulapha, uzama ukuthola othize Ongaziqinisa qobo lwaKho ngaye, ukwenza abanye babone ukuthi Uyaphila, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

Ngiyakhuleka kuWe, Nkosi, ukuba ube nesihawu, nokuba usihole futhi usiqondise emicabangweni yethu.

²¹⁴ Kukhona labo abahlezi lapha abagulayo nabahluphekileyo. Kukhona labo mhlawumbe abangahle bafe uma bengalutholi usizo oluvela kuWe. Abanengi babo, mhlasi, usesekupheleni komgwaqo, lapho odokotela bengeke besasiza. Wena unguNkulunkulu, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi uBukhona baKho bulapha.

²¹⁵ Futhi, Nkosi, asazi ukuthi loMdonso wesiThathu, njengoba siye sabhekisela kuWo, uyoba njani. Angazi ukuthini. Kodwa sazi into eyodwa, ukuthi uMdonso wokuQala wawungukuphelela. UMdonso wesiBili, uyisihlanu, kwakungumusa.

Futhi, Nkulunkulu, ngiyakhuleka kulobubusuku ukuthi Uzozebula qobo lwaKho kithina, ukuthi emva kwalezizinto, ukuthi, “Lowo okini!” Futhi Wathi, “Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyoyenza,” futhi wathi Awenzanga lutho Uze ukhonjiswe nguBaba.

²¹⁶ Futhi sibonile ukuthi Wenzani ngenkathi Wawukwazi ukutshela umPhostoli uPetru ukuthi wayengubani, ukuthi igama likayise lalingubani. Watshela uNataniyeli ukuthi umsebenzi ayethunyelwe wona wawuyini, ukuthi wafika kanjani lapho, ukuthi wayekuphi ngaphambili, ukuthi wayenzeni. Watshela owesifazane, emthonjeni, ngezono zakhe nokuthi wayeyini, ehlala kulokhu-kuphinga nalamadoda ayisithupha; amahlanu ayekade enawo, nale ayesehlala nayo manje yayingesiyo indoda yakhe. Usenguye lowoNkulunkulu ofanayo. Watshela . . .

²¹⁷ Kwakuyisimo sobumpumputhe bukaBartimewu, ngenkathi ema lapho; kepha nokho, enhliziyweni yakhe, wayenokubona, ukuthi wayengabona; ukuthi, uma lowo kwakunguJehova ezibonakalisa ebuDodaneni bukaJesu Kristu, ukuthi Wayekwazi ukubona ukukhala kwakhe. Futhi wamemeza kakhulu, “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!” Futhi kwaKumisa, futhi Waphenduka futhi wamphulukisa, O Baba, umtshela ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.

²¹⁸ Lowo wesifazane omncane onokuphaphatheka kwegazi, ukuthi ngalomopho nokuguquka kwempilo, futhi iminyaka eminingi akuzange kunqamuke. Wayechithe yonke imali yakhe ngodokotela, futhi akukho namunye wabo owayengamsiza. Wafika komunye wemihlangano yaKho njengoba Wawusendleleni yaKho ubheke endlini kaJariyu. Lona wesifazane omncane wayethe phakathi kwenhliziyo yakhe, kungekho-mBhalo emva kwakho, “Uma nje kuphlela ngingathinta ingubo yaKhe, ngi—ngikholwa ukuthi ngizosindiswa.” Futhi wasithola isifiso sakhe lapho ethinta ingubo yaKho. Futhi Wamtshela ukuthi ukukholwa

kwakhe kwakwenze lokhu, wamlandisa izimfuno zakhe, futhi wasinda.

²¹⁹ Siyats shelwa eZwini ukuthi UngumPristi oMkhulu, ohlezi kweliPhezulu, ephilela njalo ukwenza izinxuselo. No—nokuthi futhi Wena, ungumPristi oMkhulu, ngalesisikhathi, onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Nkosi Nkulunkulu, yipha ukuba wonke umuntu lapha kulobubusuku angaba . . . abe nenhlanhla yokuKuthinta kulobubusuku, umPristi oMkhulu kakhulu, futhi asinde. Ngenxa yeNkazimulo kaNkulunkulu, ngikucela eGameni likaJesu. Amen.

²²⁰ Manje, angi . . . Ngabe akhona amakhadi omkhuleko na? Ngi—ngitshela uBilly anga . . . ngabe ukhona onamakhadi omkhuleko na? Kulungile, lokho kulungile, ngimtshele ukuba angawakhiphi. Ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizothi ukwelula, njengoba ngi . . . o, ngivele ngikhulume kakhulu. Kodwa, bhokani, bukani, futhi ningitshelile, ngenkathi ngithi, “Ngizozama ukuphuma ligamenxe elesishiyagalombili,” nihlekile, futhi nga—ngazile ukuthi benazi ukuthi benikhuluma ngani. Mina—mina ngi . . . kodwa ngi—ngiyanithanda. Niyabo?

²²¹ Ini, engizama ukukwenza, bengihlala njalo ngizama lokhu, mngane; ukuba umuntu angasho ukuthi, “UMfowethu Branham wenza lokhu.” UMfowethu Branham akakwazi kwenza lutho. Niyabo? NguJesu Kristu. Futhi Lowo okimi ukini. Nifanele nikholwe nje. Akunjalo lokho na? Niyabo? Lowo okini mkhulu kunesifo sakho.

²²² Manje bangaki abantu lapha ogulayo emizimbeni yabo, abangangazi, kodwa niyakholwa ukuthi ninokukholwa okwanele ukuba nithinte umPristi oMkhulu, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngiyakukholwa?” Kulungile. O, kukhona ngempela ndawo zonke, izandla. Kulungile. Bangaki phakathi lapha kongaziyo, futhi owaziyo ukuthi angazi lutho ngalokho enikudingayo, futhi nifuna uNkulunkulu ukuba anithinte na? Phakamisa isandla sakho. Niyabo? Niyabo? Kulungile.

²²³ Eqinisweni, akukho-muntu phakathi lapha engazi utho gaye, ngaso lesisikhathi samanje, ngokugula. Kodwa lomfana ohlezi lapha, ngiyamazi. Ngike ngamkhulekela, izikhathi eziningi. Angisalikhumbuli igama lakhe, kodwa ungowasezansi eKentucky. Uhlale engibhalela ngaso sonke isikhathi, umngane uqobo woMfowethu noDadewethu Wood, futhi ufikela enhla lapho. Futhi uye wawuthamela umhlangano isikhathi eside, eside. Nguyena-muntu kuphela engimaziyo.

²²⁴ Manje, uMfowethu Dauch, ngokwazi kwami, akanankinga, kungenjalo ubengehlale lapha. Wayegula kakhulu ngelinye ilanga, neNkosi yamphulukisa.

²²⁵ Angimazi lomuntu. Futhi angazi ukuthi ngubani lo onalezizinduku zokuqhugela lapha; mhlawumbe lowomuntu osesihlalweni. A—angazi.

Futhi nga—ngazi izinqwaba zenu. Kodwa uNkulunkulu eZulwini uyazi, ngalesisikhathi, angazi ukuthi nifunani. Anginalwazi. Kuthi ukubal'khuni lapha etabernakele, ngoba, niyabo, ngazi inqwaba yabantu.

²²⁶ Manje nakhu okuyikho. Nxa ufika endaweni... Manje, ngifika lapha, ngezinye izikhathi, futhi ngithi, “Kulungile, sizonika wonke umuntu ikhadi lomkhuleko bese sibamisa umugqa. Benyukele emsamo.” Omunye uzohamba... Manje ningeke...

Manje, bangane, ngizovula inhliziyoyami gelekeqefuthi nginitshela into ethize. Ningeke nikufihle lokho. Lokho nje enikucabangayo, ngiyakwazi. Kunjalo. Ngiyazi ukuthi nicabangani. Niyabo? Futhi ngezinye izikhathi nithi, “Mfowethu, ngiyakholwa.” Ngani, awu, ukholwa ibanga nje. Niyabo? Niyabo? Ngiyazi.

²²⁷ Futhi khona lapha, lapho mina, njengamanje nje, ugcobolusanda kufika phezu kwami, niyabo. Futhi nje ngiyakuzwa lokho kushaya komthambo, sengathi, ukushaya, niyabo, ukugquma okuvela ezindaweni ezahlukene. Niyabo?

Kodwa manje ninga—ningabe nisaba ngabangakholwayo. Kholwani yiwo wonke uMlayezo. Kholwani yiLokho. Uma kungenjalo, uma kungalotshiwe eBhayibhelini, khona-ke ningakukholwa. Kodwa uma UseBhayibhelini, khona-ke uMoya oNgewele ophila phakathi kithi ubophezelekile ukuba ukwenze lokho uma siWukholwa. Ngabe kunjalo na?

Ngiyazi kul'khuni. Niyabo, akukho okuza kalula.

²²⁸ Kwakul'khuni kuYe ukuba afe, ukuze lokhu kuvezelwe nina. Kwakul'khuni kuYe ukuya eKalvari; Wayefuna ukuhlala, kakhulu ngangokuthi Wakhala, “Kungabi yintando yaMi, kodwa mayenziwe eyaKho.” Niyabo? Niyabo? Akafuni ukushiya; WayeyiNsizwa, futhi Wayenabazalwane baKhe. Wayebathanda njengoba nginithanda nje. Kodwa A—Akakwazanga ukuphila, nabo baphile futhi, ngakho Wafa ukuze siphile. Lokho kwakungelula. Wayefanele akwenze. Buka ukuthi kufa kuni okwakubekwe phambi kwaKhe, “Baba, ihora lifikile, futhi Ngingakhuleka ukuba lesisitsha sisuswe kiMi na? Qha.” Wayengafuni ukwenza lokho; Wayefuna intando kaNkulunkulu ukuba yenziwe.

²²⁹ Manje, bukani, uma nizokholwa yileyonto efanayo! Manje, ninga—ninga—ningaWusithi ngethunzi, nhlobo. Kukholweni nje. Kukholweni ngokoqobo nje. Ningangabazi. Kukholweni.

²³⁰ Uma ngenyusela abantu emgqeni wokukhulekelwa, futhi ngithi, “Kulungile, manje lomuntu, wena uyazi angikwazi.”

²³¹ “Qha, kunjalo, Mfowethu Branham.”

²³² Bese kuthi khona lapho uyobamba omunye umuntu othi, “E-hhe, kodwa ufunda abakubeke kulelokhadi lokukhulekelwa! Ukufunda ingqondo!” Ngempela nje kuyokwenza.

²³³ Khona-ke ngiyothi, “Kulungile, manje kuleliSonto asizukunikeza-makhadi omkhuleko. Ngifuna wonk’umuntu lapha, oyisihambi, ongakaze abe phakathi lapha ngaphambilini, usukume.” Niyabo? No—noMoya oNgcwele uyobe esephenduka ajike bese ehlukanisa ukuthi yini yonke ebikhona kubo. Niyabo? Ngabe kunjalo na? Nikubone ngandlela-zombili.

²³⁴ “O, awu, kukhona okungalungile ngalokho.” Niyabo? Niyabo? Lapho, akukho-ndlela, ni—ni—ningeke...Niyabo, inqobo nje uma uSathane engathola ukungena, uyovele akwenze ukholwe noma yini.

Futhi uyokukhombisa onke amaphutha enginawo, futhi ngeninqwaba yawo angakukhombisa wona. Ungakubheki lokho! Ungakubheki lokho. Ngingumuntu. Niyabo? Kodwa, khumbula, leliZwi likaNkulunkulu liyiQiniso, futhi ngizama ukuphila ngaLo.

²³⁵ Uma ngiphuma lapha futhi ngiqale ukwenza izinto ngokungalungile, okungalungile, ukona, nokuphuza, futhi, kumbe ukubhema, noma—noma ukwenza izinto engalungile, u—uze ungibizele ezansi, ngoba lokho—lokho akufanele. Ngi—ngifuna-ke ukushiya izwe. Angi...ngifuna ukushiya ngaphambi kokuba lokho kwenzeke. Niyabo? Angifuni ukwenza lokho.

²³⁶ Kodwa inqobo nje uma ngizama ukuphila ngalokho okulungile futhi ngenze lokho okulungile, niyabo, futhi ngizame ukuphila njengalokhu umKristu efanele, bese-ke ngidedela uNkulunkulu athathe iZwi laKhe futhi angizwe ngimi ngaLo. Nakuba Lingibiza abangane abaningi kangaka nokuthandwa ngabantu kwezwe, nezinto ezifana nalokho, futhi ngizondwe ngabangingi, namahlelo, ngikhahlelwe ngikhishwe, nokho ngifuna ukuba neqiniso kuleliZwi. YiZwi likaNkulunkulu, futhi ngiyamthanda uNkulunkulu. Ngakho yiZwi likaNkulunkulu, futhi ngi—ngiyanitshela ukuthi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade,” futhi Ukithi manje. Futhi uma i...

²³⁷ Manje, uma ukuphila kukaShakespeare bekukimi, kuphila kimi, uma uShakespeare ubephila kimi, bencingeyenze imisebenzi kaShakespeare na? Uma uBeethoven ekimi, bencingeyenze imisebenzi kaBeethoven na? Uma umoya kaDillinger ubukimi, uma uJohn Dillinger ubephila kimi, bencingebe nguJohn Dillinger na? Uma uBeethoven ubekimi, bengiyoba nguBeethoven na? Niyabo? Uma uCastro ubekimi, bengiyoba nguCastro? Niyabo?

Futhi uma uJesu Kristu ekimi, imisebenzi yaKhe bengiyoyenza, ngoba nguYe. Futhi Akazange asho yini into efanayo ukuthi ibiyokwenzeka na? Niyabo?

238 Manje Ubeyokwenzenjani ukuba Ubemi lapha, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade na? Ubeyothi, “Ngingenza kuphela lokho uBaba aNgikhombisa khona ukuba ngikwenze.” Ngabe kunjalo na? Awu, yileyondlela Akwenze ngayo izolo.

Manje Usenguye na? Kuthiwani-ke ngokugula na? Inkokhelo yakho isivele ikhokhiwe. Nonke seniphulukisiwe vele ekuguleni kwenu. Ngabe kunjalo na? Ngokuba lokho... Nonke uthethelelwe, kodwa nimele nikwamukele. Nonke seniphulukisiwe, kodwa nimele nikwamukele.

239 Manje, ukufakazisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uma Ubemi lapha, Ubengekwazi ukukuphulukisa, nhlobo, nokungakholwa kwakho. Ubuyofanele ukukholwe, ngokufanayo nje njengoba ubuzofanele ukukholwe khona manje. Bekuzofanele kufane, niyabo. “Isizathu, imisebenzi eminingi enamandla Wayengenakuyenza osukwini lwaKhe, ngenxa yokungakholwa kwabo.” Ngabe kunjalo na? Imisebenzi eminingi enamandla Angeke akwazi ukuyenza namhlanje, ngenxa yokungakholwa.

240 Manje, kwakunguBani lo owayekusho kungakenzeki *lokho* na? UNkulunkulu. KwakunguBani lo owasho *lokhu* na? UNkulunkulu. KwakunguBani lo owenza *lokho* na? UNkulunkulu. Ubani lowo owashoyo ukuthi lalukuphi ibhere, inyamazane enezimpondo ezingamagatsha, ikharibo, zonke lezi ezinye izinto, nesikhombisa...zonke—zonke lezinto okwenzekile na? Kwakungubani lo owasho lokho na? Lowo, uKristu, okithi, eprofetha qobo lwaKhe ngathi, ezembula qobo lwaKhe ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

Ubani owamisa imimoya na? Ubani owadala izingwejeje na? Yena Lowo owadalela u-Abrahama inqama, lapho eyakhe... waMbiza ngo “Jehova-jire.” Lawomagama ahlangele okuhlenga asalokhu esebenza kuYe. Uselokhu enguJehova-jire, “iNkosi Ingazibonela uMhlatshelo.”

241 Manje, ngamunye wenu, ngi—ngifuna ubuqotho benu obujule ukwedlula konke manje. Uma ngempela nizokholwa ngenhliziyo yenu yonke, akuyikubakho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu, ngesikhathi lelowashi liphenduka eminye imizuzu emihlanu. Akuyikubakho-muntu lapha abangezukumanga ngezinyawo zabo, awu, uma nje nizokukholwa. Ningakholwa na?

242 Manje ake sibone manje uma Ezoza kithi futhi Azembule, sisakhothamisa amakhanda ethu.

243 Nkosi Jesu, manje ngisize Wena. Futhi ngizoKulalela, Nkosi, ngakho konke engikwaziyo ukuthi kanjani. Ngithethelele izono zami neziphambeko. Ngikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

244 Manje ake sithathe loluhlangothi lapha, omunye phakathi lapha. Kholwa, yiba nokukholwa, ungangabazi! Umuntu

ongangazi, uma kungenzeka. Ngeke ngasho ukuthi umbono uyaphi. Ngidinga nje ukuba ngiKuqaphele. Futhi uma Kukwenza lokho, khona-ke niyakwazi, noma kuliqiniso noma qha. Kholwa nje, futhi ungangabazi. Uma Ezokwenza, uzokholwa yini, niyabo, emva kwakho konke lokhu osekwenziwe namhlanje na? Niyabo? Nje yemukele ukuphulukiswa kwakho, niyabo. Thana, “Nkosi, manje sengithinta uJesu Kristu. Ngiyakholwa.” Manje sengathi uNkulunkulu weZulu angakupha.

²⁴⁵ “Mkhulu Lowo okini, uKristu, kunalowo osezweni.” Manje, emhlanganweni, lapho esiMthinta khona, UyaZibonakalisa; njengowesifazane wathinta uNkulunkulu, ngoKristu, futhi kwabuya kwabonisa izidingo zakhe.

²⁴⁶ Ngiyabona manje ngale ekhoneni lapha, kubukeka sengathi yindoda, iphatheke kabi impela. Qha, akusiyo. Ngowesifazane ekhulekela indoda, nendoda ayikho lapha. Kodwa ngowesifazane. Ngiyabona ukuthi lowo wesifazane. . . Ngubaba wakhe—wakhe, futhi ubulawa ngumdlavuzi. Futhi uphatheke kabi kakhulu. Indoda ayikho lapha. Ikwenye indawo. Akusilo lelizwe, ngisho. Kuse, iseGeorgia.

Qhubekani nikhuleke nje. Nikholwa ngenhliziyo yenu yonke manje na? Qhubekani nikhuleke nje, niyabo.

Igama lowesifazane, okhulekayo, nguNkk. Jordan. Akasuye owaseGeorgia. UngowaseNorth Carolina. Uma kunjalo, nenekazi, sukuma ume ngezinyawo zakho. Kunjalo, yiqiniso lonke. Bekunguwe obukhuleka kanjalo na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane, ubabayi wami.”] Kulungile. Kulungile. [Udade uyaqhubeka nokuphawula ngobaba wakhe.]

Uyakholwa, ukuthi, “Lowo okini mkhulu kunalowo osezweni”? [Udade uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi Lowo o . . . ?

²⁴⁷ Buka, nakhu okunye futhi. Ubenokuqeqeshwa okukhulu ezinsukwini zakho zokuqala, kumbe okunye okuthize, ngoba kubukeka sengathi uxovekile kumbe ohlobweni oluthize lomKristu. . . Uyihlo akasuye umfundisi, kumbe umuntu ofana nalokho, abanye babantu bakini, kumbe okunye na? [Udade uthi, “Umyeni wami.”—Umhl.] Umyeni wakho, nguye. Ngiyabona umuntu emi eduze kwakho, eshumayela iVangeli, futhi wawusenkonzweni. Wayexhumene nawe. Kulungile, nakho lapho ukhona.

Manje, inenekazi angilazi, kodwa uNkulunkulu uyamazi owesifazane.

²⁴⁸ Manje, kukhona onakho ebhukwaneni lephakethe lakho, idukwana noma okuthize lapho na? Kulungile, khona-ke pla- . . . Nxa usuhlala phansi, beka izandla zakho phezu kwalelodu, futhi ungangabazi, futhi Lowo okuwe mkhulu kunalowo obulala

ubabayi wakho. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, kuzoba njengoba ukholwa.

²⁴⁹ Manje, ngifuna ukunibuza okuthize. Angimazi lowo wesifazane. Ngokwazi kwami, leso yisikhathi sokuqala, ngiqagele, ukuba ngike ngimbone. Kodwa uhlezi lapho esimweni sokushisekela, ekhuleka. Futhi yena lowoNkulunkulu owayekwazi ukuphenduka atshele owesifazane ngomopho wakhe, nguNkulunkulu ofanayo olapha, ekhombisa ukuthi Lowo okini ulinqobile izwe. Niyakholwa na? Uma nje unokukholwa, ungangabazi.

²⁵⁰ Ukukhuluma ngomdlavuza, ngibona lelothunzi elimnyama futhi. Liphezu kowesifazane, ohlezi khona *lapha*. Unomdlavuza womphimbo, futhi usesimweni esibi. Futhi uke wakhulekelwa, futhi ezama ukwemukela ukuphulukiswa kwakhe. Nkk. Burton, uma uzokholwa! Angimazi owesifazane. Kodwa uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke . . . Ngempela, into . . .

Ake ngikuchazele lokhu, ozama ukukwenza. Ulahlekelwe yiphimbo lakho, kulo, futhi uzama ukukhulekela iphimbo lakho ukuba libuye. Ngabe kunjalo na? Vayizelisa isandla sakho *kanje*. Manje, owesifazane uyisihambi kimi. Angimazi. Niyambona na? Kunjalo. Lapho, nango. Niyabo? “Mkhulu Lowo okuwe, ukukholwa okungaMthinta, kunalowo osemphinjeni wakho.”

Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na?

²⁵¹ Dadewethu Larsen, ngiyakwazi. Ngiqashe kuye. Kodwa, Dadewethu Larsen, kade uye kudokotela kumbe okuthize, okunye okuthize. Ulindele ukuhlinzwa. Kunjalo. Akunjalo lokho na? Mkhulu Lowo okuwe, Dadewethu Larsen, kunalowo osezweni. UJesu wathi, “Ngangiyisihambi, naNgithatha nangingenisa. Enikwenze kwabancinyane balaba, abancinyane baMi, nikwenze kiMi.”

O Baba waseZulwini, yiba nomusa!

²⁵² Ucabangani? Ulindele ukuhlinzwa, futhi. Uyisihambi kimi. Ngabe kunjalo na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Awusuye owalapha. [“Ngiyakwazi, kodwa wena awungazi.”] Uyangazi, kodwa mina angikwazi. [“Awungazi.”] Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uyakukholwa lokho na? [“Yebo, ngiyakukholwa.”] Ulindele ukuhlinzwa. Awuhlali lapha. Useduze kweBedford, eSpringville, into enjenge . . . Kulapho okukhona, eSpringville. Nkk. Burton . . . Qha, qha, ngiyaxolisa, bengingaqondile lokho. Nkk. Parker, yigama lakho lelo. Akusilo na? Mkhulu Lowo okini, kunalowo ozama ukukubulala. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke ungeke usakudinga ukuhlinzwa kwakho, uma ukholwa.

²⁵³ Ucabangani ngakho konke lokhu, dadewethu na? Angikwazi. Uyisihambi kimi. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? [Udade uthi,

“Ngiyakukholwa.”—Umhl.] Uyakukholwa. Ngiyabonga. UNkulunkulu uzokuhlonipha lokho. UnguNkk. White. Uvela eFort Worth, eTexas. Unesifo semisipha, isimo sokwethuka. Ukabi kakhulu. Akusekho-mathemba kuwe, ngokwesayense yezemithi. Umyeni wakho, unesidingo sokomoya asikhulekelayo. Unendodana lapho, enenkathazo ngeqolo layo, nenkathazo yenhliziyo. Unomfanyana amgonile ethengeni lakhe. Lowomfanyana unohlotshana lwenkulumo olukhulekelayo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. [Umyeni uthi, “Kunjalo. Ziyizidingo zethu.”]

“Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni.” Niyakukholwa lokho na? [Bandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngenhliziyo yenu yonke na? [“Amen.”] Ngayo yonke na? [“Amen.”]

Manje asikhothamise amakhanda ethu.

²⁵⁴ Manje Usehambe waguduza indlu yonke. Usefakazisile kini ukuthi UnguNkulunkulu. “Mkhulu, lo Lowo okini, kunalowo osezweni.” YiNkosi uNkulunkulu. Manje, Lowo okini, Makabe ngowokuqala. Makabe yizwi elingunqam’la-juqu la—lalokho o...

Yisho enhliziyweni yakho njengamanje, uma ungakwazi, ngenhliziyo yakho yonke, futhi ukukholwe, “Isifo ebesisemzimbeni wami sesihambile.” Niyabo? “Angisenanhlupheko. Angisenasifo. Lowo okimi mkhulu kunalowo osemzimbeni wami. Lowo osenhliziyweni yami mkhulu kunalowo osenyameni yami. Ngakho-ke, Lowo osenhliziyweni yami wadala amazulu nomhlaba. Inyama yami ibiyonakaliswe nguSathane, futhi sengiyithempeli lokuba uMoya oNgewele ahlale phakathi kulo. Ngakho-ke, Sathane, ngiyakuyala ukuba ushiye umzimba wami. EGameni likaJesu Kristu, phuma kimi.” Niyabo? Niyakukholwa na?

Manje sonke masikhuleke ngendlela yethu manje, yilowo nalowo, ngenkathi nginikhulekela.

²⁵⁵ Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuphila, Membuli wezimfihlo zenhliziyo, Wena wathi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi-zombili, futhi lingelaHlulela ngisho imicabango yengqondo.”

²⁵⁶ Yingaleso sizathu, ngenkathi iZwi lenziwa inyama, lalazi ukuthi babecabanga ngani, njengoba Wayeyibona imicabango yabo. WayeyiZwi, neZwi lazazi izimfihlo zezinhliziyo zabo.

NalaloZwi liseyilo iZwi elifanayo. Futhi kulobubusuku siyaLibona Lizembula phakathi kithi, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ngoba WaLiloba ephepheni futhi ulapha eliqinisa, elikhombisa, ukuthi Liqinisile.

²⁵⁷ Naku kubekwe amaduku ebekwe lapha. Abantu abagulayo basezindaweni zonke. Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgewele

omkhulu okhona, okhombisa lezizinto, osho lezizinto, futhi awehluleki neze, kodwa lokho okuyikho, angeke Wehluleke nakanye, ngoba UnguNkulunkulu. Makagcobe lamaduku ngoBukhona baKhe, futhi aphulukise bonke abantu abagulayo ababekwe phezulu. NoNkulunkulu Ongaphila, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi angazibumbela qobo lwaKhe ezinhliziyweni zezoni esihlengwe ngomusa nokukholwa, futhi angakhuluma amaZwi aKhe uQobo ngezindebe zomuntu ofayo, futhi akuqaphele kwenzeka njengoba Ekwethembisile impela.

²⁵⁸ O Nkosi Nkulunkulu, ngicela ukuba Ubenesihawu kithi. Futhi sengathi wonke owesilisa nowesifazane ohleziyo okhona, onanoma yiluphi uhlobo lokugula kumbe ukuhlupheka; futhi njengoMose owaziphonsa esikhaleni, ngenxa yabantu, kulobubusuku ngeneka inhliziyoyami phambi kwaKho, Nkosi. Futhi ngakho konke ukukholwa enginakho, okukuWe, Ongiphe khona, ngibapha khona. Njengoba uPetru washo esangweni elithiwa Lihle, “Enginakho, ngikupha khona. eGameni likaJesu Kristu waseNazarethu, sukuma uhambe.” Nendoda yayiyisishosha futhi—futhi ibuthakathaka imizuzu embalwa, kodwa, besayibambile, amaqakala ayo aqina. Yase ingena eNdlini kaNkulunkulu, igxuma, idumisa futhi ibonga uNkulunkulu.

²⁵⁹ Unguye izolo, namuhla, naphakade. Nabaphostoli baKhe bathi, “Enginakho, ngikupha khona.” Kwakungukukholwa. Futhi ngithi: enginakho, ngikupha lezizethameli! eGameni likaJesu Kristu waseNazarethu, lahla ukugula kwakho, ngoba mkhulu Lowo okuwe, kunodeveli ozama ukuthatha impilo yakho. Ningabantwana bakaNkulunkulu. Ningabahlengiweyo.

²⁶⁰ Ngiyala ukuba uSathane abayeke lababantu. Sengathi uNkulunkulu owagingqela emuva lesosiphepho ngeliny’ilanga, uNkulunkulu Owenza imimoya namaza ukuba kunqamuke, sengathi Angakubona ukuthi sonke isifo siyasuswa kulababantu, namandla kaKristu ayabonakaliswa empilweni yabo ngalelihora. Sengathi sonke isoni singaphenduka. Sengathi wonke umuntu, ongasondele kuWe, angalungisa kulelihora. Futhi sengathi kungaba njalo, eGameni likaJesu Kristu.


²⁶¹ Mina, njengomelusi wenu, umfowenu, ngalokhu ukukholwa enginakho, ngicele uNkulunkulu ukuba akubeke phezu kwenu. Ngikholwa ukuthi ngizokwemukela engikucelile. Manje uma nizokukholwa kanye nami; ngokukholwa enginakho, ngikunika okwalelihora.

Futhi manje, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lahla ukuhlupheka kwakho, ukugula kwakho, futhi uthi kukho, “Ufanele uhambe,” ngoba unokukholwa kwakho, kanye nokukholwa kwami, namandla kaJesu Kristu, Okubakhona ezindaweni zonke kwaKhe bulapha

ukukuqinisekisa nokufakazisa ukuthi Ulapha, kuzokuphilisa ngalesisikhathi.

²⁶² Uyakukholwa lokho, nenekazi, ulele kuloluhlaka lombhede na? [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Nakuba imisipha yakho inganjalo yonke njengoba bekubiza, ngokuqina kwemithambo nezinto, unгахamba uma uzozama. Sukuma, eGameni likaJesu Kristu. Msizeni lapho. Nango ehamba. Anikholwa na? Nonke, sukumani. Amaqakala akhe athola ukuqina.

Manje asiphakamise izandla zethu futhi siMnike udumo.

²⁶³ Nkulunkulu uJehova omkhulu, eGameni likaJesu Kristu, sizinikela kuWe gokuphulukiswa. Amen. 

LOWO OKINI ZUL63-1110E
(He That Is In You)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngeSonto kusihlwa, ngoNovemba 10, 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, e-Indiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org